



Government Gazette

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Vol. 684

Cape Town
Kaapstad

15 June 2022

No. 46549

THE PRESIDENCY

No. 1086 15 June 2022

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

Act No. 05 of 2022: Division of Revenue Act, 2022

IHHOVISI LIKAMOGAMELI

Ino. 1086 15 June 2022

Ngalokhu kwaziswa ukuthi uMongameli usewuvumile loMthetho nosewuzoshicilelelwa umphakathi:—

Ino. 05 ka 2022: UMthetho Wokuhlukaniswa Kwemali Engenayo, wezi-2022

ISSN 1682-5845



9 771682 584003



4 6 5 4 9



AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

(English text signed by the President)
(Assented to 13 June 2022)

ACT

To provide for the equitable division of revenue raised nationally among the national, provincial and local spheres of government for the 2022/23 financial year; the determination of each province's equitable share; allocations to provinces, local government and municipalities from national government's equitable share; the responsibilities of all three spheres pursuant to such division and allocations; and to provide for matters connected therewith.

PREAMBLE

WHEREAS section 214(1) of the Constitution requires an Act of Parliament to provide for—

- (a) the equitable division of revenue raised nationally among the national, provincial and local spheres of government;
- (b) the determination of each province's equitable share of the provincial share of that revenue; and
- (c) any other allocations to provinces, local government or municipalities from the national government's share of that revenue, and any conditions on which those allocations may be made; and

WHEREAS section 7(1) of the Money Bills and Related Matters Act, 2009 (Act No. 9 of 2009), requires the introduction of the Division of Revenue Bill at the same time as the Appropriation Bill is introduced,

BE IT THEREFORE ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

ARRANGEMENT OF SECTIONS

Sections

CHAPTER 1	5
INTERPRETATION AND OBJECTS OF ACT	
1. Interpretation	
2. Objects of Act	
 CHAPTER 2	
EQUITABLE SHARE ALLOCATIONS	10
3. Equitable division of revenue raised nationally among spheres of government	
4. Equitable division of provincial share among provinces	

(English text signed by the President)
(Assented to 13 June 2022)

UMTHETHO

Ukuhlinzeka ukwehlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezigaba zikahulumeni kazwelonke, wezifundazwe kanye nowasekhaya onyakeni wezimali zowezi-2022/23; ukunqunywa kwesabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye; izabelo eziya ezifundazweni, kuhulumeni wasekhaya kanye nomasipala kusukela kwisabelo esilinganayo sikahulumeni kazwelonke; izibopho zayo yomithathu imikhakha ngokulandela lokho kwahlukana nokwabiwa; kanye nokuhlinzeka izindaba eziphathelene nalokho.

ISANDULELO

NJENGOBA isigaba sama-214(1) soMthethosisekelo sidinga ukuthi uMthetho wePhalamende uhlinzeke—

- (a) ukwehlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezigaba zikahulumeni kazwelonke, wezifundazwe kanye nowasekhaya;
- (b) ukunqunywa kwesabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye saleyo mali engenayo; futhi
- (c) noma yiziphi ezinye izabelo ezifundazweni, kuhulumeni wasekhaya noma komasipala ezivela esabelweni sikahulumeni kazwelonke saleyo mali engenayo, kanye nanoma yimiphi imibandela lapho lezo zabelo zingenziwa khona; futhi

NJENGOBA isigaba 7(1) *se-Money Bills and Related Matters Act, 2009 (Umthetho we-9 wezi-2009)*, sicela isethulo soKwahlukaniswa koMthethosivinyo Wokwabiwa Kwemali Engenayo kanye kanye ngesikhathi esifanayo lapho uMthethosivinyo Wokwabiwa Kwemali wethulwa,

KUNGABA NJENGOBA UMISWE iPhalamende leRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

UKUHLELWA KWEZIGABA

Izigaba

ISAHLUKO 1

5

UKUCHAZWA NEZINHLOSO ZOMTHETHO

1. Ukuchazwa
2. Izinhloso zomthetho

ISAHLUKO 2

UKWABELWA OKULINGANAYO

10

3. Ukuhlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezinhloso zikahulumeni
4. Ukwahlukaniswa ngokulinganayo kwesabelo sesifundazwe phakathi kwezifundazwe

5. Equitable division of local government share among municipalities
6. Shortfalls, excess revenue and increasing equitable share

CHAPTER 3

CONDITIONAL ALLOCATIONS TO PROVINCES AND MUNICIPALITIES

Part 1 5

Conditional allocations

7. Conditional allocations to provinces
8. Conditional allocations to municipalities

Part 2

Duties of accounting officers in respect of Schedule 4 to 7 allocations 10

9. Duties of transferring officer in respect of Schedule 4 allocations
10. Duties of transferring officer in respect of Schedule 5 or 6 allocations
11. Duties of receiving officer in respect of Schedule 4 allocations
12. Duties of receiving officer in respect of Schedule 5 or 7 allocations
13. Duties of receiving officer in respect of infrastructure conditional allocations to provinces 15
14. Duties in respect of annual financial statements and annual reports for 2022/23

Part 3

Matters relating to Schedule 4 to 7 allocations

15. Publication of allocations and frameworks 20
16. Expenditure in terms of purpose and subject to conditions
17. Withholding of allocations
18. Stopping of allocations
19. Reallocation of funds
20. Conversion of allocations 25
21. Unspent conditional allocations

CHAPTER 4

MATTERS RELATING TO ALL ALLOCATIONS

22. Payment requirements
23. Amendment of payment schedule 30
24. Transfers made in error or fraudulently
25. New allocations during financial year and Schedule 7 allocations
26. Preparations for 2023/24 financial year and 2024/25 financial year
27. Transfers before commencement of Division of Revenue Act for 2023/24 financial year 35

CHAPTER 5

DUTIES AND POWERS OF MUNICIPALITIES, PROVINCIAL TREASURIES AND NATIONAL TREASURY

28. Duties of municipalities
29. Duties and powers of provincial treasuries 40
30. Duties and powers of National Treasury

5

5. Ukwahlukaniswa ngokulinganayo kwesabelo sikahulumeni wasekhaya phakathi komasipala
6. Ukushoda, ingenisomali eyeqile kanye nokwabiwa ngokulinganayo okukhulayo

ISAHLUKO 3

5

IZABELO EZINEMIBANDELA EZIFUNDAZWENI NAKOMASPALA*Ingxenye 1**Izabelo ezinemibandela*

7. Izabelo ezinemibandela eziya ezifundazweni
8. Izabelo ezinemibandela eziya komasipala 10

*Ingxenye 2**Imisebenzi yezikhulu ezigcina amabhuku ezimali maqondana neShejuli 4 kuya ku-7 okwabiwa*

9. Imisebenzi yesikhulu esidlulisa imali maqondana nezabelo zeShejuli 4
10. Imisebenzi yesikhulu esidlulisa imali maqondana nezabelo zeShejuli 5 noma 6 15
11. Imisebenzi yesikhulu esamukela imali maqondana nezabelo zeShejuli 4
12. Imisebenzi yesikhulu esamukela imali maqondana nezabelo zeShejuli 5 noma 7
13. Imisebenzi yesikhulu esamukela imali maqondana nezabelo ezinemibandela zengqalasizinda eyabelwe izifundazwe
14. Imisebenzi maqondana nezitatimende zezezimali zonyaka kanye nemibiko yonyaka wezi-2022/23 20

*Ingxenye 3**Izindaba ezimaqondana nezabelo zeShejuli 4 kuya ku 7*

15. Ukushicilelwa kwezabelo nezinhlaka
16. Ukusetshenziswa kwemali ngokwenhloso nangokuhambisana nemibandela 25
17. Ukubanjwa kwezabelo
18. Ukumiswa kwezabelo
19. Ukwabiwa kabusha kwezimali
20. Ukuguqulwa kwezabelo
21. Izabelo ezinemibandela ezingasetshenziswanga 30

ISAHLUKO 4**IZINDABA EZIMAQONDANA NAZO ZONKE IZABELO**

22. Izidingo zokukhokha
23. Ukuchitshiyelwa kweshejuli yokukhokha
24. Imali ekhokhwe ngephutha noma ngokukhwananisa 35
25. Izabelo ezintsha ngesikhathi sonyaka wemali nezabelo zeShejuli 7
26. Amalungiselelo onyaka wezi-2023/24 nonyaka wezi-2024/25
27. Ukudluliswa kwemali ngaphambi kokuqala koMthetho wokwehlukisaniswa kweNgenisomali yonyaka wezimali wezi-2023/24

ISAHLUKO 5

40

IMISEBENZI NAMANDLA OMASIPALA, UMNYANGO WEZIMALI WEZIFUNDAZWE KANYE NOMNYANGO WEZIMALI KAZWELONKE

28. Imisebenzi yomasipala
29. Imisebenzi namandla omnyango wezezimali wezifundazwe
30. Imisebenzi namandla oMnyango Wezezimali kaZwelonke 45

CHAPTER 6**GENERAL**

31. Liability for costs incurred in violation of principles of cooperative governance and intergovernmental relations	
32. Irregular expenditure	5
33. Financial misconduct	
34. Delegations and assignments	
35. Departures	
36. Regulations	
37. Repeal of laws and savings	10
38. Short title and commencement	

SCHEDULE 1

Equitable division of revenue raised nationally among the three spheres of government	
---	--

SCHEDULE 2

Determination of each province's equitable share of the provincial sphere's share of revenue raised nationally (as a direct charge against the National Revenue Fund)	15
---	----

SCHEDULE 3

Determination of each municipality's equitable share of the local government sphere's share of revenue raised nationally	20
--	----

SCHEDULE 4***Part A***

Allocations to provinces to supplement the funding of programmes or functions funded from provincial budgets	
--	--

Part B

Allocations to municipalities to supplement the funding of programmes or functions funded from municipal budgets	25
--	----

SCHEDULE 5***Part A***

Specific purpose allocations to provinces	30
---	----

Part B

Specific purpose allocations to municipalities	
--	--

SCHEDULE 6***Part A***

Allocations-in-kind to provinces for designated special programmes	35
--	----

Part B

Allocations-in-kind to municipalities for designated special programmes	
---	--

SCHEDULE 7***Part A***

Allocations to provinces for immediate disaster response	40
--	----

Part B

Allocations to municipalities for immediate disaster response	
---	--

ISAPHLUKO 6
OKUJWAYELEKILE

- | | |
|---|----|
| 31. Izikweletu zezindleko ezenzeke ngokuphulwa kwemigomo yokubusa ngokubambisana nobudlelwane phakathi kohulumeni | |
| 32. Izindleko ezingekho emthethweni | 5 |
| 33. Ukuxhashazwa kwezezimali | |
| 34. Ukuthunywana nemisebenzi | |
| 35. Ukuchezuka | |
| 36. Imithethonqubo | |
| 37. Ukuchithwa komthetho nokonga | 10 |
| 38. Isihloko esifishane nokuqalisa ukusebenza | |

ISHEJULI 1

Ukwahlukaniswa ngokulinganayo kwengeniso mali eqoqwe kuzwelonke phakathi kwemikhakha yomithathu kahulumeni

ISHEJULI 2

Ukunqunywa kwesabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye sesabelo sezinga lesifundazwe semali eqoqwe kuzwelonke (njengenkohelo ebhekiswe ngqo esiKhwameni Semali Sikazwelonke)

ISHEJULI 3

Ukunqunywa kwesabelo esilinganayo sikamasipala ngamunye sesabelo sezinga likahulumeni wasekhaya sengenisomali eqoqwe kuzwelonke

ISHEJULI 4

Ingxenywe A

Izabelo eziya ezifundazweni ukwelekelela uxhaso lwezimali lwezinhlelo noma imisebenzi exhaswe kwizabelomali zezifundazwe

Ingxenywe B

Izabelo eziya komasipala ukuze zelekelele ukuxhaswa kwemisebenzi exhaswe kwizabelomali zomasipala

ISHEJULI 5

Ingxenywe A

Izabelo eziya ezifundazweni ngenhloso ethile

Ingxenywe B

Izabelo eziya komasipala ngenhloso ethile

ISHEJULI 6

Ingxenywe A

Izabelo ezingaqondile ezifundazweni ezabelwa izinhlelo ezikhethekile eziqokiwe

Ingxenywe B

Izabelo ezingaqondile komasipala ezabelwa izinhlelo ezikhethekile eziqokiwe

ISHEJULI 7

Ingxenywe A

Imihlinzeko engabelwanga izifundazwe ukuze kubhekanwe nenhlekelele

Ingxenywe B

Imihlinzeko engabelwanga omasipala ukuze kubhekanwe nenhlekelele

CHAPTER 1

INTERPRETATION AND OBJECTS OF ACT

Interpretation

1. (1) In this Act, unless the context indicates otherwise, any word or expression to which a meaning has been assigned in the Public Finance Management Act or the Municipal Finance Management Act has the meaning assigned to it in the Act in question, and—
- “**accreditation**” means accreditation of a municipality, in terms of section 10(2) of the Housing Act, 1997 (Act No. 107 of 1997), to administer national housing programmes, read with Part 3 of the National Housing Code, 2009 (Financial Interventions: Accreditation of Municipalities);
- “**allocation**” means the equitable share allocation to the national sphere of government in Schedule 1, a province in Schedule 2 or a municipality in Schedule 3, or a conditional allocation;
- “**category A, B or C municipality**” means a category A, B or C municipality envisaged in section 155(1) of the Constitution;
- “**classified disaster**” means a disaster classified as a national, provincial or local state of disaster in terms of section 23 of the Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002);
- “**conditional allocation**” means an allocation to a province or municipality from the national government’s share of revenue raised nationally, envisaged in section 214(1)(c) of the Constitution, as set out in Schedule 4, 5, 6 or 7;
- “**Constitution**” means the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;
- “**corporation for public deposits account**” means a bank account of the Provincial Revenue Fund held with the Corporation for Public Deposits, established by the Corporation for Public Deposits Act, 1984 (Act No. 46 of 1984);
- “**Education Infrastructure Grant**” means the Education Infrastructure Grant referred to in Part A of Schedule 4;
- “**financial year**” means, in relation to—
- (a) a national or provincial department, the year ending 31 March; or
- (b) a municipality, the year ending 30 June;
- “**framework**” means the conditions and other information in respect of a conditional allocation published in terms of section 15 or 25;
- “**Health Facility Revitalisation Grant**” means the Health Facility Revitalisation Grant referred to in Part A of Schedule 5;
- “**housing emergency**” means an emergency as defined in paragraph 2.3.1(a) or (b) of the Emergency Housing Programme contained in the National Housing Code published in terms of section 4 of the Housing Act, 1997 (Act No. 107 of 1997);
- “**Human Settlements Development Grant**” means the Human Settlements Development Grant referred to in Part A of Schedule 5;
- “**legislation**” means national legislation or provincial legislation as defined in section 239 of the Constitution;
- “**level one accreditation**” means accreditation to render beneficiary management, subsidy budget planning and allocation, and priority programme management and administration, of national housing programmes;
- “**level two accreditation**” means accreditation to render full programme management and administration of all housing instruments and national housing programmes in addition to the responsibilities under a level one accreditation;
- “**Maths, Science and Technology Grant**” means the Maths, Science and Technology Grant referred to in Part A of Schedule 5;

ISAHLUKO 1

UKUCHAZWA NEZINHLOSO ZOMTHETHO

Ukuchazwa

1. (1) Kulo Mthetho, ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile, noma yiliphi igama noma inkulumo enikezwe incazelo eMthethweni Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni noma uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala linikeziwe incazelo kulo Mthetho okukhulunywa ngawo, futhi—
- “**ukugunyazwa**” kusho ukugunyazwa kukamasipala, ngokwesigaba se-10(2) soMthetho wezeZindlu, we-1997 (uMthetho 107 we-1997), ukuze ulawule izinhlelo zezindlu zikazwelonke, funda neNgxenywe 3 yeKhodi Yezindlu Kazwelonke, 2009 (Ukungenelela Kwezezimali: Ukugunyazwa Komasi-pala);
- “**isabelo**” kusho ukwabelwa okulinganayo esigabeni sikahulumeni kazwelonke kuShejuli 1, isifundazwe esikuShejuli 2 noma umasipala okuShejuli 3, noma isabelo esinemibandela;
- “**isigaba A, B noma C sikamasipala**” kushiwo umasipala wesigaba A, B noma C ohlongozwe esigabeni sama-155(1) soMthethosisekelo;
- “**inhlekelele ehlelwe ngokwemikhakha**” kusho inhlekelele echazwe njengenhlekelele kazwelonke, yesifundazwe noma yendawo ngokwesigaba sama-23 soMthetho wokuLawulwa kweziNhlekelele wezi-2002 (uMthetho 57 wezi-2002);
- “**isabelo esinemibandela**” kushiwo isabelo esinikezwa isifundazwe noma umasipala esivela kwisabelo sikahulumeni kazwelonke semali engenayo eqoqwe kuzwelonke, ehlongozwe esigabeni sama-214(1)(c) soMthethosisekelo, njengoba kubekiwe kuShejuli 4, 5, 6 noma 7;
- “**Umthethosisekelo**” kusho uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika we-1996;
- “**inkampani ye-akhawunti yamadiphozithi omphakathi**” kusho i-akhawunti yasebhangwe yesiKhwama seNgenisomali esiFundazweni esiphethwe yiNkampani yamaDiphozithi Omphakathi, eyasungulwa yi-*Corporation for Public Deposits Act, 1984 (Umthetho 46 we-1984)*;
- “**Isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo**” kusho Isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo okukhulunywa ngakho eNgxenyeni A yaShejuli 4;
- “**Unyaka wezezimali**” kusho, maqondana—
- (a) nomnyango kazwelonke noma wesifundazwe, unyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa; noma
- (b) umasipala, unyaka ophela mhla zingama-30 kuNhlanguvana;
- “**uhlaka**” kusho imibandela nolunye ulwazi mayelana nesabelo esinemibandela esishicilelwe ngokwesigaba 15 noma 25;
- “**Isibonelelo Sokuvuselela ingqalasizinda yeSikhungo Sezempilo**” kusho Isibonelelo Sokuvuselela ingqalasizinda yeSikhungo Sezempilo okukhulunywa ngaso eNgxenyeni A yaShejuli 5;
- “**izindlu eziphuthumayo**” kusho isimo esiphuthumayo njengoba kuchaziwe endimeni 2.3.1(a) noma (b) yoHlelo Lwezindlu Eziphuthumayo oluqukethwe kwiKhodi kaZwelonke eshicilelwe ngokwesigaba se-4 soMthetho weZindlu we-1997 (uMthetho 107 we-1997);
- “**Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwezindawo Zokuhlala Abantu**” kusho isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwezindawo Zokuhlala Kwabantu okukhulunywa ngaso eNgxenyeni A yaShejuli 5;
- “**umthetho**” kusho umthetho kazwelonke noma umthetho wesifundazwe njengoba kuchaziwe esigabeni sama-239 soMthethosisekelo;
- “**isigaba sokuqala sokugunyazwa**” kushiwo ukugunyazwa ukunikeza abaphathi abahlomulayo, ukuhlela isabelomali soxhaso kanye nokwabiwa, kanye nokuphathwa nokulawulwa kohlelo olubalulekile lwezinhlelo zikazwelonke zezindlu;
- “**isigaba sesibili sokugunyazwa**” kusho ukugunyazwa ukunikeza ukuphathwa kohlelo olugcwele kanye nokuphathwa kwawo wonke amathuluzi ezindlu nezinhlelo zezindlu zikazwelonke ngaphezu kwezibopho ezingaphansi kokugunyazwa kwezinga lokuqala.
- “**Isibonelelo Sezibalo, Isayensi Nezobuchwepheshe**” kusho Isibonelelo Sezibalo, Isayensi Nezobuchwepheshe okukhulunywa ngakho eNgxenyeni A yaShejuli 5;
- “**uhlaka lwezindleko zesikhathi esimaphakathi**” kusho uhlaka lwesabelomali olusetshenziswa nguMgcinimafa kaZwelonke, olu—
- (a) humusha izinqubomgomo nezinhlelo zikahulumeni zibe uhlelo lokusebenzisa imali lweminyaka eminingi; futhi

- “**medium term expenditure framework**” means a budgeting framework applied by the National Treasury which—
- (a) translates government policies and plans into a multi-year spending plan; and
 - (b) promotes transparency, accountability and effective public financial management; 5
- “**Municipal Finance Management Act**” means the Local Government: Municipal Finance Management Act, 2003 (Act No. 56 of 2003);
- “**Municipal Structures Act**” means the Local Government: Municipal Structures Act, 1998 (Act No. 117 of 1998);
- “**Municipal Systems Act**” means the Local Government: Municipal Systems Act, 2000 (Act No. 32 of 2000); 10
- “**Neighbourhood Development Partnership Grant**” means the Neighbourhood Development Partnership Grant referred to in Part B of Schedule 5 or Part B of Schedule 6;
- “**organ of state**” means an organ of state as defined in section 239 of the Constitution; 15
- “**overpayment**” means the transfer of more than the allocated amount of an allocation or the transfer of an allocation in excess of the applicable amount in a payment schedule;
- “**payment schedule**” means a schedule which sets out—
- (a) the amount of each transfer of a provincial equitable share or a conditional allocation for a province or municipality to be transferred in terms of this Act; 20
 - (b) the date on which each transfer must be paid; and
 - (c) to whom, and to which bank account, each transfer must be paid;
- “**prescribe**” means prescribe by regulation in terms of section 37;
- “**primary bank account**”, in relation to—
- (a) a province, means a bank account of the Provincial Revenue Fund, envisaged in section 21(2) of the Public Finance Management Act and which the accounting officer of the provincial treasury has certified to the National Treasury; or 25
 - (b) a municipality, means the bank account of the municipality as determined in terms of section 8 of the Municipal Finance Management Act; 30
- “**Provincial Roads Maintenance Grant**” means the Provincial Roads Maintenance Grant referred to in Part A of Schedule 4;
- “**Public Finance Management Act**” means the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999);
- “**Public Transport Network Grant**” means the Public Transport Network Grant referred to in Part B of Schedule 5; 35
- “**Public Transport Operations Grant**” means the Public Transport Operations Grant referred to in Part A of Schedule 4;
- “**quarter**” means, in relation to—
- (a) a national or provincial department, the period from— 40
 - (i) 1 April to 30 June;
 - (ii) 1 July to 30 September;
 - (iii) 1 October to 31 December; or
 - (iv) 1 January to 31 March; or
 - (b) a municipality, the period from— 45
 - (i) 1 July to 30 September;
 - (ii) 1 October to 31 December;
 - (iii) 1 January to 31 March; or
 - (iv) 1 April to 30 June;
- “**receiving officer**” means, in relation to— 50
- (a) a Schedule 4, 5 or 7 allocation transferred to a province, the accounting officer of the provincial department which receives that allocation or a portion thereof for expenditure through an appropriation from its Provincial Revenue Fund; or
 - (b) a Schedule 4, 5 or 7 allocation transferred or provided in kind to a municipality, the accounting officer of the municipality; 55

- (b) khuthaza ukwenza izinto obala, ukuthembeka kanye nokuphathwa ngempumelelo kwezimali zomphakathi;
- Umthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala**” kusho uHulumeni Wasekhaya: Umthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala wezi-2003 (uMthetho 56 wezi-2003);
- 5 **“Umthetho weZakhiwo Zomasipala**” kushiwo uHulumeni Wasekhaya: Umthetho weZakhiwo Zomasipala we-1998 (uMthetho 117 we-1998);
- “Umthetho Wezinhlelo Zomasipala**” kusho uHulumeni Wasekhaya: Umthetho Wezinhlelo Zomasipala wezi-2000 (uMthetho 32 wezi-2000);
- “Isibonelelo Sokubambisana Kwezokuthuthukiswa Komakhelwane**” kusho Isibonelelo Sokubambisana Kwezokuthuthukiswa Komakhelwane
- 10 okukhulunywa ngakho eNgxenyeni B yaShejuli 5 noma iNgxenyeni B yaShejuli 6;
- “uhlaka lombuso**” kusho uhlaka lombuso njengoba kuchaziwe esigabeni sama-239 soMthethosisekelo;
- “ukukhokha ngokweqile**” kusho ukudluliswa kwemali engaphezu kwenani elinikeziwe lesabelo noma ukudluliswa kwesabelo esingaphezu kwesamba esisebenzayo
- 15 ohlelweni lokukhokha;
- “ishejuli yokukhokha**” kusho ishejuli ebeka—
- (a) inani lokudluliswa ngakunye kwesabelo esilinganayo sesifundazwe noma isabelo esinemibandela sesifundazwe noma umasipala okufanele sidluliselwe ngokwalo Mthetho;
- 20 (b) usuku okufanele kukhokhwe ngalo ukudluliswa ngakunye; futhi
- (c) kumuntu, futhi kuyiphi i-akhawunti yasebhange, ukudluliselwa ngakunye okufanele kukhokhwe kuyo;
- “nquma**” kusho ukunquma ngomthetho ngokwesigaba sama-37;
- “i-akhawunti yasebhange eyinhloko**”, maqondana—
- 25 (a) nesifundazwe, kushiwo i-akhawunti yasebhange yesiKhwama seNgenisomali sesiFundazwe, ehlongozwe esigabeni sama-21(2) soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni futhi lapho isikhulu sokucwaninga amabhuku somnyango wezemali zesifundazwe siqinisekisile kumnyango wemali kaZwelonke; noma
- 30 (b) umasipala, kushiwo i-akhawunti yasebhange kamasipala njengoba kunqunywe ngokwesigaba se-8 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala;
- “Isibonelelo Sokunakekelwa Kwemigwaqo Yezifundazwe**” kusho Isibonelelo Sokunakekelwa Kwemigwaqo Yezifundazwe okukhulunywa ngaso eNgxenyeni A yaShejuli 4;
- 35 **“Umthetho Wokuphathwa Kwezezimali ZikaHulumeni**” kuchaza Umthetho Wokuphathwa Kwezezimali ZikaHulumeni we-1999 (uMthetho 1 we-1999);
- “Isibonelelo Sokuxhumana Sezokuthutha Zomphakathi**” kusho Isibonelelo Sokuxhumana Sezokuthutha Zomphakathi okukhulunywa ngaso eNgxenyeni B yaShejuli 5;
- “Isibonelelo Sokusebenza Kwezokuthutha Zomphakathi**” kusho Isibonelelo Sokusebenza Kwezokuthutha Zomphakathi okukhulunywa ngayo eNgxenyeni A yaShejuli 4;
- 40 **“ikota**” kusho, maqondana—
- (a) nomnyango kazwelonke noma wesifundazwe, esikhathini esisuka mhla—
- (i) lu-1 kuMbasa kuya ku-30 kuNhlangulana;
- (ii) lu-1 kuNtulikazi kuya ku-30 kuMandulo;
- (iii) lu-1 kuMfumfu kuya ku-31 kuZibandlela; noma
- (iv) lu-1 kuMasingana kuya ku-31 kuNdasa; noma
- 45 (b) nomaspala, esikhathini esisuka mhla—
- (i) lu-1 kuNtulikazi kuya ku-30 kuMandulo;
- (ii) lu-1 kuMfumfu kuya ku-31 kuZibandlela;
- (iii) lu-1 kuMasingana kuya ku-31 kuNdasa; noma
- (iv) lu-1 kuMbasa kuya ku-30 kuNhlangulana;
- 50 **“isikhulu esamukela imali**” kusho, maqondana—
- (a) Isabelo saShejuli 4, 5 noma 7 esidluliselwe esifundazweni, isikhulu esicwaninga amabhuku ezimali zomnyango wesifundazwe esithola lesa
- 55 sabelo noma ingxenyeni yaso yezindleko ngesabelo esivela kwiSikhwama Semali Yesifundazwe; noma
- (b) Isabelo saShejuli 4, 5 noma 7 esidluliswa noma esihlinzekwe ngohlobo kumasipala, isikhulu esicwaninga amabhuku sikamasipala;
- “umnyango wesifundazwe owamukelayo**”, maqondana noShejuli 4, 5 noma 7
- 60 esabelweni esidluliselwe esifundazweni, kushiwo umnyango wesifundazwe owamukela lesa sabelo noma ingxenyeni yaso yezindleko ngesabelo esiphuma esiKhwameni seNgenisomali yesiFundazwe;

- “**receiving provincial department**” means, in relation to a Schedule 4, 5 or 7 allocation transferred to a province, the provincial department which receives that allocation or a portion thereof for expenditure through an appropriation from its Provincial Revenue Fund;
- “**School Infrastructure Backlogs Grant**” means the School Infrastructure Backlogs Grant referred to in Part A of Schedule 6; 5
- “**this Act**” includes any framework or allocation published, or any regulation made, in terms of this Act;
- “**transferring officer**” means the accounting officer of a national department that transfers a Schedule 4, 5 or 7 allocation to a province or municipality or spends a Schedule 6 allocation on behalf of a province or municipality; 10
- “**Urban Settlements Development Grant**” means the Urban Settlements Development Grant referred to in Part B of Schedule 4; and
- “**working day**” means any day, except a Saturday, a Sunday or a public holiday as defined in the Public Holidays Act, 1994 (Act No. 36 of 1994). 15
- (2) Any agreement, approval, certification, decision, determination, instruction, notification, notice or request in terms of this Act must be in writing.

Objects of Act

2. The objects of this Act are—
- (a) as required by section 214(1) of the Constitution, to provide for— 20
- (i) the equitable division of revenue raised nationally among the three spheres of government;
 - (ii) the determination of each province’s equitable share of the provincial share of that revenue; and
 - (iii) other allocations to provinces, local government or municipalities from the national government’s share of that revenue and conditions on which those allocations are made; 25
- (b) to promote predictability and certainty in respect of all allocations to provinces and municipalities, in order that provinces and municipalities may plan their budgets over a multi-year period and thereby promote better coordination between policy, planning and budgeting; and 30
- (c) to promote transparency and accountability in the resource allocation process, by ensuring that all allocations, except Schedule 6 allocations, are reflected on the budgets of provinces and municipalities and the expenditure of conditional allocations is reported on by the receiving provincial departments and municipalities. 35

CHAPTER 2

EQUITABLE SHARE ALLOCATIONS

Equitable division of revenue raised nationally among spheres of government

3. (1) Revenue raised nationally in respect of the 2022/23 financial year must be divided among the national, provincial and local spheres of government as set out in Column A of Schedule 1. 40
- (2) The envisaged division among the national, provincial and local spheres of government of revenue anticipated to be raised nationally in respect of the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, and which is subject to the Division of Revenue Acts for those financial years, is set out in Column B of Schedule 1. 45

Equitable division of provincial share among provinces

4. (1) Each province’s equitable share of the provincial share of revenue raised nationally in respect of the 2022/23 financial year is set out in Column A of Schedule 2.

- “**Isibonelelo Sokusalela emuva Kwengqalasizinda Yesikole**” Isibonelelo Sokusalela emuva Kwengqalasizinda Yesikole okukhulunywa ngakho eNgxenyeni A yaShejuli 6; “**lo Mthetho**” ubandakanya noma yiluphi uhloko noma isabelo esishicilelwe, nanoma yimuphi umthethonqubo owenziwe, ngokwalo Mthetho; “**isikhulu esidlulisa imali**” kushiwo isikhulu esicwaninga amabhuku somnyango kazwelonke esidlulisa isabelo saShejuli 4, 5 noma 7 esifundazweni noma kumasipala noma esisebenzisa isabelo saShejuli 6 egameni lesifundazwe noma umasipala; “**Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwezindawo Zasedolobheni**” kusho Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwezindawo Zasedolobheni okukhulunywa ngaso eNgxenyeni B yaShejuli 4; kanye “**usuku lokusebenza**” kusho noma yiluphi usuku, ngaphandle koMgqibelo, iSonto noma iholide njengoba kuchaziwe kuMthetho Wamaholide Omphakathi we-1994 (uMthetho 36 we-1994). (2) Noma yisiphi isivumelwano, ukuvunywa, ukuqinisekiswa, isinqumo, ukunquma, umyalelo, isaziso noma isicelo ngokwalo Mthetho kufanele sibhalwe phansi.

Izinhloso zoMthetho

2. Izinjongo zalo mthetho yilezi—

- (a) njengoba kudingwa yisigaba sama-214(1) soMthethosisekelo, ukuhlinzela—
- (i) ukwehlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezigaba ezintathu zikahulumeni; 20
 - (ii) ukunqunywa kwesabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye saleyo mali engenayo; futhi
 - (iii) noma yiziphi ezinye izabelo ezifundazweni, kuhulumeni wasekhaya noma komasipala ezivela esabelweni sikahulumeni kazwelonke saleyo mali engenayo, kanye nanoma yimiphi imibandela lapho lezo zabelo zingenziwa khona; 25
- (b) ukukhuthaza ukubikezela kanye nesiqiniseko mayelana nazo zonke izabelo ezifundazweni nakomasipala, ukuze izifundazwe nomasipala bakwazi ukuhlela isabelomali sabo esikhathini esiyiminyaka eminingi futhi ngaleyo ndlela kuthuthukiswe ukusebenzisana okungcono phakathi kwenqubomgomo, ukuhlela kanye nesabelomali; futhi 30
- (c) ukukhuthaza ukungafihli kanye nokuthembeka ohlelweni lokwabiwa kwezinsiza, ngokuqinisekisa ukuthi konke ukwabiwa, ngaphandle kwaShejuli 6, kuyavezwa kwizabelomali zezifundazwe nomasipala kanye nokusetshenziswa kwesabelomali esinemibandela kubikwa ngakho yiminyango yesifundazwe nomasipala abamukelayo. 35

ISAHLUKO 2

UKWABELWA OKULINGANAYO

Ukuhlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezinhloko zikahulumeni 40

3. (1) Imali engenayo eqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2022/23 ihlukaniselwa izigaba zikahulumeni kazwelonke, wezifundazwe kanye nowasekhaya njengoba kubekwe kwikholamu A yaShejuli 1.

(2) Ukuhlukaniswa okucatshangwayo phakathi kwezinhloko zikahulumeni kazwelonke, wesifundazwe kanye nowasekhaya wemali engenayo okulindeleke ukuthi iqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, futhi engaphansi kweMithetho Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo yaleyo minyaka yezimali, ibekwe kwiKholamu B yaShejuli 1. 45

Ukwahlukaniswa ngokulinganayo kwesabelo sesifundazwe phakathi kwezifundazwe 50

4. (1) Isabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye sesabelomali sesifundazwe semali engenayo nonyaka wezimali wezi-2022/23 sibekwe kwiKholamu A yaShejuli 2.

(2) The envisaged equitable share for each province of revenue anticipated to be raised nationally in respect of the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, and which is subject to the Division of Revenue Acts for those financial years, is set out in Column B of Schedule 2.

(3) The National Treasury must transfer each province's equitable share referred to in subsection (1) to the corporation for public deposits account of the province in accordance with the payment schedule determined in terms of section 22. 5

Equitable division of local government share among municipalities

5. (1) Each municipality's equitable share of local government's share of revenue raised nationally in respect of the 2022/23 financial year is set out in Column A of Schedule 3. 10

(2) The envisaged equitable share for each municipality of revenue anticipated to be raised nationally in respect of the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, and which is subject to the Division of Revenue Acts for those financial years, is set out in Column B of Schedule 3. 15

(3) The national department responsible for local government must transfer a municipality's equitable share referred to in subsection (1) to the primary bank account of the municipality in three transfers on 6 July 2022, 7 December 2022 and 15 March 2023, in the amounts determined in terms of section 22(2).

Shortfalls, excess revenue and increasing equitable share 20

6. (1) If the actual revenue raised nationally in respect of the 2022/23 financial year falls short of the anticipated revenue set out in Column A of Schedule 1, the national government bears the shortfall.

(2) If the actual revenue raised nationally in respect of the 2022/23 financial year exceeds the anticipated revenue set out in Column A of Schedule 1, the excess accrues to the national government, and may be used to reduce borrowing or pay debt as part of its share of revenue raised nationally. 25

(3) Further allocations may be made from the excess revenue envisaged in subsection (2), through the applicable legislation envisaged in section 12 of the Money Bills and Related Matters Act, 2009 (Act No. 9 of 2009), to— 30

- (a) national departments;
- (b) provinces; or
- (c) municipalities.

(4) (a) If any expenditure from contingencies is approved in terms of section 6 of the Appropriation Act, 2022, to increase the equitable share of provinces or municipalities, the National Treasury must increase the equitable share per province or per municipality by notice in the *Gazette*. 35

(b) The increase referred to in paragraph (a) takes effect on the date of publication in the *Gazette*.

(c) Section 22 of this Act applies with the necessary changes in relation to the increase referred to in paragraph (a). 40

(2) Isabelo esilinganayo sesifundazwe ngasinye semali engenayo okulindeleke ukuthi siqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, futhi singaphansi kweMithetho Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo yaleyo minyaka yezimali, ibekwe kwiKholamu B yaShejuli 2.

(3) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele udlulisele isabelomali esilinganayo sesifundazwe ngasinye okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1) enkampanini yekhawunti yamadiphozithi omphakathi yesifundazwe ngokuhambisana nohlelo lokukhokha olunqunywe ngokwesigaba sama-22. 5

Ukwahlukaniswa ngokulinganayo kwesabelo sikahulumeni wasekhaya phakathi komasipala

10

5. (1) Isabelo esilinganayo sikamasipala ngamunye sesabelomali sikahulumeni wasekhaya semali engenayo eqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2022/23 sibekwe kwiKholamu A yaShejuli 3.

(2) Isabelo esilinganayo sikamasipala ngamunye semali engenayo okulindeleke ukuthi siqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, futhi singaphansi kweMithetho Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo yaleyo minyaka yezimali, ibekwe kwiKholamu B yaShejuli 3. 15

(3) UMnyango kaZwelonke obhekelela ohulumeni basekhaya kumele udlulisele isabelo esilinganayo kamasipala, okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1) kwi-akhawunti yasebhange kamasipala eyinhloko, ngokudluliswa kwemali okuthathu, mhla ziyi-6 kuNtulikazi wezi-2022, ziyi-7 kuZibandlela wezi-2022, nezi-15 kuNdasa wezi-2023, enanini elinqunywe ngokwesigaba sama-22(2). 20

Ukushoda, ingenisomali eyeqile kanye nokwabiwa ngokulinganayo okukhulayo

6. (1) Uma imali yoqobo engenayo eqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2022/23 iba ngaphansi kwemali engenayo elindelwe ebekwe kwiKholamu A yaShejuli 1, uhulumeni kazwelonke uyena obhekana nokushoda. 25

(2) Uma imali yangampela engenayo eqoqwe kuzwelonke mayelana nonyaka wezimali wezi-2022/23 iba ngaphezulu kwemali engenayo elindelwe ebekwe kwiKholamu A yaShejuli 1, leyo mali engaphezulu kuba ngekahulumeni kazwelonke, futhi ingasetshenziselwa ukunciphisa ukuboleka noma ukukhokha isikweletu njengengxenywe yesabelo sayo semali engenayo eqoqwe kuzwelonke. 30

(3) Ukwabiwa okwengeziwe kungenziwa ngenzuzo eyeqile etholakale emalini engenayo ehlongozwe esigatshaneni soMthethosivivinyo (2), ngomthetho osebenzayo ohlongozwe esigabeni se-12 soMthethosivivinyo weMali kanye Nezindaba Ezihlobene, wezi-2009 (uMthetho 9 wezi-2009)— 35

(a) eminyangweni kazwelonke;

(b) ezifundazweni; noma

(c) komasipala.

(4) (a) Uma noma yiziphi izindleko ezivela ezimweni eziphuthumayo zigunyazwa ngokwesigaba se-6 soMthetho Wokwabiwa Kwezimali, wezi-2022, ukuze kwenyuswe isabelo esilinganayo sezifundazwe noma somasipala, Umnyango Wezimali Kazwelonke kufanele unyuse isabelo esilinganayo esifundazweni ngasinye noma kumasipala ngamunye ngesaziso kusoMqulu kahulumeni. 40

(b) Ukwenyuswa okukhulunywe ngakho endimeni (a) kuqala ukusebenza ngosuku okushicilelwe ngalo kusoMqulu kahulumeni. 45

(c) Isigaba sama-22 soMthetho sisebenza nezinguquko ezidingekayo maqondana nokwenyuswa okukhulunywe ngakho endimeni (a).

CHAPTER 3

CONDITIONAL ALLOCATIONS TO PROVINCES AND MUNICIPALITIES

Part 1

Conditional allocations

Conditional allocations to provinces 5

7. (1) Conditional allocations to provinces for the 2022/23 financial year from the national government's share of revenue raised nationally are set out in—

- (a) Part A of Schedule 4, specifying allocations to provinces to supplement the funding of programmes or functions funded from provincial budgets; 10
- (b) Part A of Schedule 5, specifying specific-purpose allocations to provinces; 10
- (c) Part A of Schedule 6, specifying allocations-in-kind to provinces for designated special programmes; and
- (d) Part A of Schedule 7, specifying funds that are not allocated to specific provinces, that may be released to provinces to fund an immediate response to a classified disaster or housing emergency. 15

(2) An envisaged division of conditional allocations to provinces from the national government's share of revenue anticipated to be raised nationally for the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, which is subject to the annual Division of Revenue Acts for those years, is set out in Column B of the Schedules referred to in subsection (1). 20

(3) (a) If any expenditure from contingencies is approved in terms of section 6 of the Appropriation Act, 2022, to increase any conditional allocation to provinces, the National Treasury must increase the allocation per province by notice in the *Gazette*.

(b) The increase referred to in paragraph (a) takes effect on the date of publication in the *Gazette*. 25

(c) If a conditional allocation in Part A of Schedule 5 or 6 is increased in terms of paragraph (a), the National Treasury must amend the notice published in terms of section 15 by notice in the *Gazette*.

(d) Section 23 of this Act applies with the necessary changes in relation to the increase referred to in paragraph (a). 30

Conditional allocations to municipalities

8. (1) Conditional allocations to municipalities in respect of the 2022/23 financial year from the national government's share of revenue raised nationally are set out in—

- (a) Part B of Schedule 4, specifying allocations to municipalities to supplement the funding of functions funded from municipal budgets; 35
- (b) Part B of Schedule 5, specifying specific-purpose allocations to municipalities;
- (c) Part B of Schedule 6, specifying allocations-in-kind to municipalities for designated special programmes; and
- (d) Part B of Schedule 7, specifying funds that are not allocated to specific municipalities that may be released to municipalities to fund an immediate response to a classified disaster or housing emergency. 40

(2) An envisaged division of conditional allocations to municipalities from the national government's share of revenue anticipated to be raised nationally for the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, which is subject to the annual Division of Revenue Acts for those years, is set out in Column B of the Schedules referred to in subsection (1). 45

(3) (a) A municipality that intends to pledge a conditional allocation, or a portion thereof, as security for any obligations in terms of section 48 of the Municipal Finance Management Act, must, in addition to notifying the National Treasury in terms of section 46(3) of that Act, notify the transferring officer and the relevant provincial 50

ISAPHLUKO 3

IZABELO EZINEMIBANDELA EZIFUNDAZWENI NAKOMASIPALA

*Ingxenye 1**Izabelo ezinemibandela***Izabelo ezinemibandela eziya ezifundazweni** 5

7. (1) Izabelo ezinemibandela ezifundazweni zonyaka wezimali wezi-2022/23 ziphuma engxenyeni yemali engenayo kahulumeni kazwelonke eqoqwe kuzwelonke, zibhalwe—

- (a) Engxenyeni A yaShejuli 4, ecacisa izabelo eziya ezifundazweni ukuze zelekelele ukuxhaswa kwezinhlelo noma imisebenzi exhaswe kwisabelomali sesifundazwe; 10
- (b) Engxenyeni A yaShejuli 5, ecacisa izabelo eziya esifundazweni ngenhloso ethile;
- (c) Engxenyeni A yaShejuli 6, ecacisa izabelo ezifanayo eziya ezifundazweni kwenzelwa izinhlelo ezikhethekile eziqokiwe; kanye 15
- (d) Engxenyeni A yaShejuli 7, ecacisa izimali ezingabelwe izifundazwe ezithile, ezingakhishelwa izifundazwe ukuze kuxhaswe ukusabela ngokushesha ezimweni zezinhlekelele noma zezindlu eziphuthumayo.

(2) Ukwabiwa okuhlosiwe kwezabelo ezinemibandela eziya ezifundazweni zisuka engxenyeni yemali engenayo kuhulumeni kazwelonke okulindeleke ukuthi iqoqwe kuzwelonke onyakeni wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, esingaphansi kweMithetho Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo yaleyo minyaka, ibekwe kwiKholamu B yamaShejuli okukhulunywa ngawo esigatshaneni (1). 20

(3) (a) Uma noma yiziphi izindleko ezivela ezimeni eziphuthumayo zigunyazwa ngokwesigaba se-6 soMthetho Wokwabiwa Kwezimali, wezi-2022, ukuze kwenyuswe izabelo esilinganayo sezifundazwe, Umnyango Wezimali Kazwelonke kufanele unyuse izabelo esilinganayo esifundazweni ngasinye noma kumasipala ngamunye ngesaziso kusoMqulu kahulumeni. 25

(b) Ukwenyuswa okukhulunywa ngakho endimeni (a) kuqala ukusebenza ngosuku okushicilelwe ngalo kusoMqulu kaHulumeni. 30

(c) Uma izabelo ezinemibandela eNgxenyeni A yaShejuli 5 noma 6 sinyuswa ngokwendima (a), Umnyango kaHulumeni Wezimali kumele uchibiyele isaziso esishicilelwe ngokwesigaba se-15 kusoMqulu kaHulumeni.

(d) Isigaba sama-23 salo Mthetho sisebenza nezinguquko ezidingekayo maqondana nokwenyuswa okukhulunywa ngakho endimeni (a). 35

Izabelo ezinemibandela eziya komasipala

8. (1) Izabelo ezinemibandela ezifundazweni zonyaka wezimali wezi-2022/23 ziphuma engxenyeni yemali engenayo kahulumeni kazwelonke eqoqwe kuzwelonke, zibhalwe—

- (a) Engxenyeni B yaShejuli 4, ecacisa izabelo eziya komasipala ukuze zelekelele ukuxhaswa kwemisebenzi exhaswe kwisabelomali somasipala; 40
- (b) Engxenyeni B yaShejuli 5, ecacisa izabelo eziya komasipala ngenhloso ethile;
- (c) Engxenyeni B yaShejuli 6, ecacisa izabelo ezingaqondile komasipala kwenzelwa izinhlelo ezikhethekile eziqokiwe; kanye
- (d) Engxenyeni B yaShejuli 7, ecacisa izimali ezingabelwe omasipala abathile, ezingakhishelwa omasipala ukuze kuxhaswe ukusabela ngokushesha ezimweni zezinhlekelele noma zezindlu eziphuthumayo. 45

(2) Ukwabiwa okuhlosiwe kwezabelo ezinemibandela eziya komasipala zisuka engxenyeni yemali engenayo kuhulumeni kazwelonke okulindeleke ukuthi iqoqwe kuzwelonke onyakeni wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, esingaphansi kweMithetho Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo wonyaka yaleyo minyaka, ibekwe kwiKholamu B yamaShejuli okukhulunywa ngawo esigatshaneni (1). 50

(3) (a) Umasipala ohlose ukwenza isibambiso ngesabelo ezinemibandela, noma ingxenye yalokho, njengokuphepha kwanoma iziphi izibopho ngokwesigaba sama-48 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, kumele ngaphezu kokwazisa Umnyango Wezimali Zikazwelonke ngokwesigaba sama-46(3) soMthetho ngaleyo nhloso, azise isikhulu esidlulisa imali kanye nomnyango ofanele wezimali ze- 55

treasury of that intention and provide the transferring officer and National Treasury at least 21 days to comment before seeking the approval of the municipal council.

(b) A municipality must submit financial and non-financial reports, in the format and on the dates determined by the National Treasury, for any project pledged to be partially or fully funded by using a conditional allocation, or a portion thereof, as security as envisaged in paragraph (a). 5

(4) (a) If any expenditure from contingencies is approved in terms of section 6 of the Appropriation Act, 2022, to increase any conditional allocation to municipalities, the National Treasury must increase the allocation per municipality by notice in the *Gazette*.

(b) The increase referred to in paragraph (a) takes effect on the date of publication in the *Gazette*. 10

(c) If a conditional allocation in Part B of Schedule 5 or 6 is increased in terms of paragraph (a), the National Treasury must amend the notice published in terms of section 15 by notice in the *Gazette*.

(d) Section 23 of this Act applies with the necessary changes in relation to the increase referred to in paragraph (a). 15

Part 2

Duties of accounting officers in respect of Schedule 4 to 7 allocations

Duties of transferring officer in respect of Schedule 4 allocations

9. (1) The transferring officer of a Schedule 4 allocation must— 20

- (a) ensure that transfers to all provinces and municipalities are—
 - (i) deposited only into the primary bank account of the relevant province or municipality; and
 - (ii) made in accordance with the payment schedule determined in terms of section 22, unless allocations are withheld or stopped in terms of section 17 or 18; 25
- (b) monitor information on financial and non-financial performance of programmes partially or fully funded by an allocation in Part A of Schedule 4, in accordance with subsection (2) and the applicable framework;
- (c) monitor information on financial and non-financial performance of the Urban Settlements Development Grant against the capital budget and the service delivery and budget implementation plan; 30
- (d) comply with the applicable framework;
- (e) submit a quarterly financial and non-financial performance report within 45 days after the end of each quarter to the National Treasury in terms of the applicable framework; and 35
- (f) evaluate the performance of programmes funded or partially funded by the allocation and submit such evaluations to the National Treasury within four months after the end of the 2022/23 financial year applicable to a provincial department or a municipality, as the case may be. 40

(2) Any monitoring programme or system that is used to monitor information on financial and non-financial performance of a programme partially or fully funded by a Schedule 4 allocation must—

- (a) be approved by the National Treasury;
- (b) not impose any excessive administrative responsibility on receiving officers beyond the provision of standard management and budget information; 45
- (c) be compatible and integrated with and not duplicate other relevant national, provincial and local systems; and
- (d) support compliance with section 11(2).

(3) A framework may impose a duty on the accounting officer of a national or provincial department, other than the transferring officer or receiving officer, that contributes to achieving the purpose of the allocation, and the accounting officer must comply with the duty. 50

sifundazwe, bese ebanika okungenani izinsuku ezingama-21 ukuba baphawule ngaphambi kokufuna imvume yomkhandlu kamasipala.

(b) Umasipala kumele ulethe imibiko yezezimali nemibiko okungesiyo eyezezimali, ngendlela nangosuku olunqunywe Umnyango Wezezimali Kazwelonke, wanoma iyiphi iphrojekthi ethembise ukuthi izoxhaswa ingxenye noma ngokugcwele ngokusebenzisa isabelo esinemibandela, noma ingxenye, njengesibambiso njengoba kuhlangoziwe endimeni (a). 5

(4) (a) Uma noma yiziphi izindleko ezivela ezimweni eziphuthumayo zigunyazwa ngokwesigaba se-6 soMthetho Wokwabiwa Kwezimali, wezi-2022, ukuze kwenyuswe isabelo esilinganayo komasipala, Umnyango Wezimali Kazwelonke kufanele unyuse isabelo esilinganayo kumasipala ngesaziso kusoMqulu kahulumeni. 10

(b) Ukwenyuswa okukhulunywa ngakho endimeni (a) kuqala ukusebenza ngosuku okushicilelwe ngalo kusoMqulu kahulumeni.

(c) Uma isabelo esinemibandela eNgxenyeni B yaShejuli 5 noma 6 sinyuswa ngokwendima (a), Umnyango kaHulumeni Wezimali kumele uchibiyele isaziso esishicilelwe ngokwesigaba se-15 kusoMqulu kaHulumeni. 15

(d) Isigaba sama-23 salo Mthetho sisebenza nezinguquko ezidingekayo maqondana nokwenyuswa okukhulunywa ngakho endimeni (a).

Ingxenye 2

Imisebenzi yezikhulu ezigcina amabhuku ezimali maqondana neShejuli 4 kuya ku-7 okwabiwa 20

(iii) there is significant under-expenditure on previous transfers during the 2022/23 financial year.

(3) UMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngemva kokubonisana nesikhulu esidlulisa imali esifanele nangesaziso kusoMqulu kaHulumeni, ungachibiyela isabelo esinemibandela esiyinkomba kwuShejuli 6 eshicilelwe ngokwesigatshana (1)(b).

(4) Ngaphambi kokuchibiyela uhlaka ngokwesigatshana (2), uMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele alethe isichibiyelo esihlongozwayo ePhalamende ukuze kuphawulwe ngaso esikhathini esiphakathi kwezinsuku eziyi-14 ngeskhathi iPhalamende lisebenza. 5

(5) Ukuchitshiyelwa kokwabiwa noma kohlaka ngokwesigatshana (2) noma (3) kuqala ukusebenza ngosuku lokushicilelwa kwesaziso kusoMqulu kahulumeni.

Ukusetshenziswa kwezimali ngokwenhloso nangokuhambisana nemibandela 10

16. (1) Nangaphezu kwanoma yimuphi omunye umthetho ophikisana nalokho, isabelo okukhulunywe ngaso kumaShejuli 4 kuya kushejuli 7 singasetshenziselwa kuphela inhloso eshiwo kwiShejuli ethintekayo futhi ehambisana nohlaka olusebenzayo.

(2) (a) Uhlaka lungahlinzeka ngezixenye ngaphakathi kwesabelo esinemibandela ezincike kwimibandela ethile. 15

(b) Isikhulu esidlulisa imali singase sishintshe izimali zisuke engxenyeni ethile ziye kwenye—

(i) ngemva kokuxhumana nesikhulu esamukela imali esifanele;

(ii) ngemvume yoMnyango Wezezimali Kazwelonke; futhi 20

(iii) ngokuhambisana nomthetho wokwabiwa kwezimali osebenzayo.

(c) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele ushicilele isaziso kusoMqulu kaHulumeni sokushintshwa kwezimali ngokwendima (b).

(3) Isikhulu esamukela imali angeke sabele noma iyiphi ingxenye yeShejuli 5 kunoma iyiphi enye inhlangothi yombuso ukuze yenze umsebenzi, ngaphandle uma isikhulu esamukela imali kanye nohlaka lukahulumeni bevumelana ngezibopho zazo zombili izinhlangothi kanye neshejuli yokukhokha, isikhulu esamukela imali sazise isikhulu esidlulisa imali, umnyango wezezimali wesifundazwe othintekayo kanye noMnyango Wezezimali Kazwelonke ngohlelo lokukhokha okuvunyelenwe ngalo, kanye— 30

(a) isabelo—

(i) isabelo sivunyiwe kwisabelomali somnyango wesifundazwe owamukelayo noma umasipala; noma

(ii) uma kungakavunyelwana kanjalo—

(aa) isikhulu esamukela imali sazisa uMnyango Wezezimali Kazwelonke ukuthi inhloso yokwabiwa akukhona ukukhuphula ngokungemthetho izilinganiso zezindleko zomnyango wesifundazwe othintekayo noma umasipala futhi sisho izizathu zokwabiwa; futhi 35

(bb) Umnyango Wezezimali Kazwelonke uyasivuma isabelo; noma

(b) isabelo esokukhokhela izimpahla noma izinsizakalo ezithengiwe ngokuhambisana nemibandela yokuthengwa kwempahla esebenza esifundazweni noma kumasipala othintekayo futhi, uma kuyinkokhelo ehamba phambili, isigaba (a)(ii) sisebenza nezinguquko ezidingekayo. 40

(4) Isikhulu esamukela imali kufanele sihambise ikhophi yesivumelwano esihlongozwe esigatshaneni (3) kwisikhulu esidlulisa imali kanye naseMnyangweni Wezezimali Kazwelonke ngaphambi kokuba kukhokhwe. 45

(5) (a) Ngenhloso yokusetshenziswa kwaShejuli 6 kumasipala—

(i) *I-Eskom Holdings Limited* ingase ithole izimali ezisuka ngqo kwisikhulu sokudlulisa soMnyango Wezimbiwa Namandla; noma

(ii) ibhodi lamanzi, njengoba kuchazwe esigabeni se-1 se-*Water Services Act, 1997* (*uMthetho 108 we-1997*), lingathola izimali ezivela ngqo kwisikhulu sokudlulisa imali soMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle. 50

(b) Isikhulu esidlulisa imali singabamba izimali ezabiwe ngokwendima (a), nanoma iyiphi ingxenye yalokho, isikhathi esingeqile ezinsukwini ezingama-30, uma—

(i) uma i-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi lingahambisani nalo Mthetho; 55

(ii) ukwedluliswa kwezabelo ezinemibandela ezigunyazwe nguMnyango Wezezimali Kazwelonke ngokwesigaba sama-21 zingakasetshenziswa; noma

(iii) kunemali enkulu engasatshenziswanga ezimali ezidluliswe ngaphambilini ngesikhathi sonyaka wezimali wezi-2022/23. 60

- (c) A transferring officer must, at least seven working days before withholding an allocation in terms of paragraph (b)—
- (i) give Eskom Holdings Limited or the water board—
 - (aa) notice of the intention to withhold the allocation; and
 - (bb) an opportunity to submit written representations as to why the allocation should not be withheld; and
 - (ii) inform the relevant municipality, the National Treasury, the relevant provincial treasury and the provincial department responsible for local government of the withholding.
- (d) A notice envisaged in paragraph (c)(i)(aa) must include the reasons for withholding the allocation and the intended duration of the withholding.
- (e) (i) The National Treasury may instruct, or approve a request from, the transferring officer to withhold an allocation in terms of paragraph (b) for a period of 30 to 120 days, if the withholding shall—
- (aa) facilitate compliance with this Act; or
 - (bb) minimise the risk of under-spending by Eskom Holdings Limited or the water board.
- (ii) When requesting the withholding of an allocation in terms of this subsection, a transferring officer must submit to the National Treasury proof of compliance with paragraph (c) and any representations received from Eskom Holdings Limited or the water board.
- (iii) The transferring officer must comply with paragraph (c) when the National Treasury instructs or approves a request by the transferring officer in terms of paragraph (e)(i).
- (f) Despite paragraph (b), a transferring officer may reallocate funds in terms of section 19(3).
- (g) (i) Section 21(1) and (2) applies to funds referred to in paragraph (a).
- (ii) Eskom Holdings Limited or the water board must ensure that any funds that must revert to the National Revenue Fund in terms of section 21(1) are paid into that Fund by the date determined by the National Treasury.
- (iii) Eskom Holdings Limited or the water board must request the roll-over of unspent funds through the relevant transferring officer.
- (6) (a) For purposes of the Human Settlements Development Grant, a receiving officer and a municipality with level one or two accreditation or functions assigned in terms of section 126 of the Constitution to administer all aspects, including financial administration of a national housing programme (herein called “assigned functions”) as at 1 April 2022, must, by the date determined by the National Treasury—
- (i) agree on a payment schedule; and
 - (ii) submit, through the relevant provincial treasury, the payment schedule to the National Treasury.
- (b) If a municipality receives accreditation after 1 April 2022, the National Treasury may approve that paragraph (a) applies to that municipality.
- (c) If the transfer of the Human Settlements Development Grant to a municipality with assigned functions is withheld or stopped in terms of section 17 or 18, the receiving officer must request the National Treasury to amend the payment schedule in terms of section 23.
- (7) If a function, which is partially or fully funded by a conditional allocation to a province, is assigned to a municipality, as envisaged in section 10 of the Municipal Systems Act—
- (a) the funds from the conditional allocation for the province for the function must be stopped in terms of section 18 and reallocated in terms of section 19 to the municipality, which has been assigned the function;
 - (b) if possible, the province must finalise any project or fulfil any contract regarding the function before the date the function is assigned and, if not finalised, the province must notify the relevant municipality and the National Treasury;

- (c) Isikhulu esidlulisa imali kufanele, okungenani izinsuku eziyisikhombisa zokusebenza ngaphambi kokubamba isabelo ngokwendima (b)—
- (i) sinike i-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi—
- (aa) isaziso senhloso yokubamba/yokugodla isabelo;
- (bb) ithuba lokuhambisa izethulo ezibhalwe ophansi zokuthi kungani kungafanele kugodlwe isabelo; futhi 5
- (ii) yazise umasipala ofanele, uMnyango Wezezimali Kazwelonke, umnyango wezezimali wesifundazwe othintekayo kanye nomnyango wesifundazwe obhekelela ohulumeni basekhaya ngokubanjwa kwesabelo.
- (d) Isaziso esishiwo endimeni (c)(i)(aa) kufanele sifake izizathu zokubamba isabelo kanye nesikhathi okuhloswe ngaso ukubamba. 10
- (e) (i) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungayalela, noma ugunyaze isicelo esivela kwisikhulu esidlulisa imali ukuba abambe isabelo ngokwendima (b) isikhathi esiyizinsuku ezingama-30 kuya kweziyi-120, uma ukugodla—
- (aa) ukwenza kube lula ukuthotshelwa kwalo Mthetho; noma 15
- (bb) ukunciphisa ubungozi bokusebenzisa imali encane kakhulu kule eyabelwe u-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi.
- (ii) Lapho ecela ukugodlwa kwesabelo ngokwalesi sigatshana, isikhulu esidlulisa imali kufanele sihambise Emnyangweni Kazwelonke ubufakazi bokuhambisana nendima (c) kanye nanoma yiziphi izethulo ezitholwe kwa-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi. 20
- (iii) Isikhulu esidlulisa imali kufanele sihambisane nendima (c) lapho uMnyango Wezezimali Kazwelonke eyala noma egunyaza isicelo sesikhulu esidlulisa imali ngokwendima (e)(i).
- (f) Naphezu kwendima (b), isikhulu esidlulisa imali singaphinde sabe kabusha izimali ngokwesigaba se-19(3). 25
- (g) (i) Isigaba sama-21(1) no-(2) sisebenza ezimalini okukhulunywe ngazo endimeni (a).
- (ii) I-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi kufanele liqinisekise ukuthi noma yiziphi izimali okufanele zibuyele Esikhwameni Semali Kazwelonke ngokwesigaba sama-21(1) ukuthi zikhokhwa kuleso Sikhwama ngosuku olunqunywe uMnyango Wezezimali Kazwelonke. 30
- (iii) I-*Eskom Holdings Limited* noma ibhodi lamanzi kufanele licele ukudluliselwa kwezimali ezingakasetshenziswa ngokusebenzisa isikhulu esidlulisa imali esifanele.
- (6) (a) Ngenhloso yeSibonelelo sokuThuthukiswa kwezindawo Zokuhlala abantu, isikhulu esamukela imali kanye nomasipala onezinga lokuqala noma lesibili lokugunyazwa noma imisebenzi eyabelwe ngokwesigaba sama-126 soMthethosisekelo ukuphatha zonke izingxenye, okuhlanganisa nokuphathwa kwezimali zohlelo lukazwelonke lwezindlu (lapha olubizwa ngokuthi "imisebenze eyabelwe") kusukela mhla ziyi-1 kuMbaso 2022, kufanele, ngosuku olunqunywe nguMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele— 40
- (i) bavumelane ngohlelo lokukhokha; futhi
- (ii) balethe, ngokusebenzisa umnyango wezezimali wesifundazwe esifanele, ishejuli yokukhokha kuMnyango Wezezimali Kazwelonke.
- (b) Uma umasipala uthola ukugunyazwa ngemva komhla lu-1 kuMbaso 2022, uMnyango Wezezimali Kazwelonke ungagunyaza ukuthi indima (a) sisebenze kulowo masipala. 45
- (c) Uma ukudluliselwa kweSibonelelo sokuThuthukiswa kwezindawo zokuhlala abantu kumasipala onikwe imisebenzi kugodliwe noma kuyekiswa ngokwesigaba se-17 noma se-18, isikhulu esamukela imali kufanele sicele uMnyango Wezezimali Kazwelonke ukuthi uchibiyele ishejuli yokukhokha ngokwesigaba sama-23. 50
- (7) Uma umsebenzi, oxhaswe ingxenye noma ngokugcwele ngesabelo esinemibandela esifundazweni, unikezwa umasipala, njengoba kuhlangozwe esigabeni se-10 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala—
- (a) Izimali eziphuma esabelweni esinemibandela sesifundazwe somsebenzi kufanele zimiswe ngokwesigaba se-18 futhi zabelwe kabusha ngokwesigaba se-19 kumasipala, onikezwe umsebenzi; 55
- (b) uma kungenzeka, isifundazwe kufanele siqedele noma iyiphi iphrojekthi noma sigcwalise noma iyiphi inkontileka ephathelene nomsebenzi ngaphambi kosuku owabelwe ngalo umsebenzi futhi, uma ungaqedwanga, isifundazwe kufanele sazise umasipala ofanele kanye noMnyango Wezezimali Kazwelonke; 60

- (c) any project or contract regarding the function not finalised or fulfilled at the date at which the function is assigned, must be subjected to an external audit and the province and the municipality must enter into an agreement to complete the project or fulfil the contract through ceding it to the municipality; 5
- (d) money that is retained by the province for any contract related to the function that is not ceded to the municipality must be spent by 31 March 2023 and shall not be available in terms of section 30 of the Public Finance Management Act or section 22(2);
- (e) the receiving officer of the province must, within seven days after the function is assigned, submit to the transferring officer and the National Treasury a list of liabilities that are attached to the function, but that were not transferred to the municipality, to provide for the adjustment of the applicable allocations; and 10
- (f) the receiving officer of the municipality must, within one month from the date of the stopping of funds in paragraph (a), submit to the transferring officer a revised plan for its planned expenditure. 15

Withholding of allocations

17. (1) Subject to subsections (2) and (3), a transferring officer may withhold the transfer of a Schedule 4 or 5 allocation, or any portion thereof, for a period not exceeding 30 days, if— 20

- (a) the province or municipality does not comply with any provision of this Act;
- (b) roll-overs of conditional allocations approved by the National Treasury in terms of section 21 have not been spent; or
- (c) there is significant under-expenditure on previous transfers during the 2022/23 financial year. 25

(2) If an allocation is withheld in terms of subsection (1), it suspends the applicable payment schedule, approved in terms of section 22(3), until it is amended in terms of section 23.

(3) The amount withheld in terms of this section in the case of the Human Resources and Training Grant or the National Tertiary Services Grant listed in Part A of Schedule 4 may not exceed five per cent of the next transfer as contained in the relevant payment schedule. 30

(4) A transferring officer must, at least seven working days before withholding an allocation in terms of subsection (1)— 35

- (a) give the relevant receiving officer—
 - (i) notice of the intention to withhold the allocation; and
 - (ii) an opportunity to submit written representations as to why the allocation should not be withheld; and
- (b) inform the relevant provincial treasury and the National Treasury, and in respect of any conditional allocation to a municipality, also the provincial department responsible for local government of the withholding. 40

(5) A notice envisaged in subsection (4)(a)(i) must include the reasons for withholding the allocation and the intended duration of the withholding to inform the amendment of the payment schedule in terms of section 23. 45

(6) (a) The National Treasury may instruct, or approve a request from, the transferring officer to withhold an allocation in terms of subsection (1) for a period of 30 to 120 days, if the withholding shall—

- (i) facilitate compliance with this Act; or
- (ii) minimise the risk of under-spending by the relevant provincial department or municipality. 50

(b) When requesting the withholding of an allocation in terms of this subsection, a transferring officer must submit to the National Treasury proof of compliance with subsection (4) and any representations received from the receiving officer.

(c) The transferring officer must again comply with subsection (4) when the National Treasury instructs, or approves a request by, the transferring officer in terms of paragraph (a). 55

- (c) noma iyiphi iphrojekthi noma inkontileka emayelana nomsebenzi ongaphothulwanga noma ongaqedwanga ngosuku umsebenzi owabelwe ngawo, kumele uhlolwe wucwaningomabhuku lwangaphandle futhi isifundazwe kanye nomasipala kumele wenze isivumelwano sokuphuthula iphrojekthi noma ukugcwalisa inkontileka ngokuyishiya kumasipala; 5
- (d) imali egcinwe yisifundazwe nganoma iyiphi inkontileka ehlobene nomsebenzi ongazange inikezelwe kumasipala kufanele kufike umhlaka 31 kuNdasa 2023 futhi ngeke ibe khona ngokwesigaba sama-30 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi noma isigaba sama-22(2);
- (e) isikhulu esamukela imali sesifundazwe kumele, zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa sinikezwe umsebenzi, sihambise kwisikhulu esidlulisa imali kanye naseMnyangweni Wezezimali kaZwelonke uhlu lwezikweletu ezinyatheliswe kulowo msebenzi, kodwa ezingadluliselwanga kumasipala, ukuze kuhlinzekwe ukulungiswa kwezabelo ezisebenzayo; futhi 10
- (f) isikhulu esamukela imali sikamasipala kumele, ingakapheli inyanga eyodwa kusukela osukwini lokumiswa kwezimali endimeni (a), sithumele kwisikhulu esidlulisa imali uhlelo olubuyekeziwe lwezindleko zalo ezihleliwe. 15

Ukubanjwa kwezabelo

17. (1) Ngokwesigatshana (2) no (3), isikhulu esidlulisa imali singagodla ukudluliswa kwesabelo saShejuli 4 noma 5, nanoma iyiphi ingxenye yalo, isikhathi esingeqile ezinsukwini ezingama-30, uma— 20

- (a) isifundazwe noma umasipala awuhambisani nanoma yimiphi imihlinzeko yalo Mthetho;
- (b) izandiso zezabelo ezinemibandela ezigunyazwe nguMnyango Wezezimali Kazwelonke ngokwesigaba sama-21 azikasetshenziswa; noma 25
- (c) kunemali enkulu engasetshenzisiwe kwizimali ezidluliswe ngokudlule ngonyaka wezimali wezi-2022/23.

(2) Uma isabelo sibanjiwe ngokwesigatshana (1), simisa ishejuli yokukhokha esebenzayo, evunywe ngokwesigaba sama-22(3), kuze kube iyachitshiyelwa ngokwesigaba sama-23. 30

(3) Imali ebanjwe ngokwalesi sigaba esimeni seSibonelelo Sezabasebenzi Nokuqeqesha noma Isibonelelo Sezinsiza Zemfundo Ephakeme Kazwelonke esohlwini lweNngxenye A yaShejuli 4 angeke yeqe ngamaphesenti amahlanu ekudluliselweni okulandelayo njengoba kuqukethwe kwishejuli yokukhokha efanele.

(4) Isikhulu esidlulisa imali kufanele, okungenani izinsuku eziyisikhombisa zokusebenza ngaphambi kokugodla isabelo ngokwesigatshana (1)— 35

- (a) sinikeze isikhulu esamukela imali esifanele—
- (i) isaziso ngenhloso yokubamba isabelo;
- (ii) ithuba izethulo ezibhalwe phansi ezichaza ukuthi kungani isabelo kungafanele sibanjwe; futhi 40
- (b) yazisa umnyango wezezimali kazwelonke ofanele kanye nomnyango wezezimali kazwelonke, maqondana nanoma isabelo esinemibandela sikamasipala, kanye nomnyango wesifundazwe obhekelele uhulumeni wasekhaya mayelana nokubamba.

(5) Isaziso esihlongozwe esigatshaneni (4)(a)(i) kufanele sifake izingathu zokubamba isabelo kanye nesikhathi okuhloswe ukubamba ngaso ukuze sazise ukuchitshiyelwa kweshejuli yokukhokha ngokwesigaba sama-23. 45

(6) (a) Umnyango Wezezimali Kazwelonke ungayalela, noma uvume isicelo esivela kwisikhulu esidlulisa imali ukuba sibambe isabelo ngokwesigatshana (1) isikhathi esiyizinsuku ezingama-30 kuye kweziyi-120, uma ukubamba— 50

- (i) kuzokwenza kube lula ukuhambisana nalowo Mthetho; noma
- (ii) Ukunciphisa ubungozi bokusebenzisa imali kancane komnyango wesifundazwe noma kwamasipala;

(b) Uma kucelwa ukubamba isabelo ngokwalesi sigatshana, isikhulu esidlulisa imali kumele sithumele Emnyangweni Wezezimali Kazwelonke ubufakazi bokuthobela isigatshana (4) kanye nanoma iziphi izethulo ezamukelwe kwisikhulu esamukela imali. 55

(c) Isikhulu esidlulisa imali kumele siphinde sithobele isigatshana (4) uma Umnyango Wezezimali Kazwelonke uyalela kanjalo, noma uvuma isicelo sesikhulu esidlulisa imali ngokwendima (a).

Stopping of allocations

- 18.** (1) Despite section 17, the National Treasury may, in its discretion or on request of a transferring officer or a receiving officer, stop the transfer of a Schedule 4 or 5 allocation, or a portion thereof, to a province or municipality—
- (a) in the case of—
 - (i) a province, if a serious or persistent material breach of this Act, as envisaged in section 216(2) of the Constitution, occurs; or
 - (ii) a municipality, if—
 - (aa) a serious or persistent material breach of this Act, as envisaged in section 216(2) of the Constitution, read with section 38(1)(b)(i) of the Municipal Finance Management Act, occurs; or
 - (bb) a breach or failure to comply, as envisaged in section 38(1)(b)(ii) of the Municipal Finance Management Act, occurs;
 - (b) if the National Treasury anticipates that a province or municipality shall substantially underspend on the allocation, or any programme, partially or fully funded by the allocation, in the 2022/23 financial year; or
 - (c) for purposes of the assignment of a function from a province to a municipality, as envisaged in section 10 of the Municipal Systems Act.
- (2) The National Treasury must, before stopping an allocation in terms of subsection (1)(a)(i) or (b)—
- (a) comply with the procedures in section 17(4)(a); and
 - (b) inform the relevant provincial treasury of its intention to stop the allocation.
- (3) The National Treasury must, before stopping an allocation in terms of subsection (1)(a)(ii), comply with the applicable provisions of section 38 of the Municipal Finance Management Act.
- (4) The National Treasury must give notice in the *Gazette* of the stopping of an allocation in terms of this section and include in the notice the effective date of, and reason for, the stopping.
- (5) (a) If—
- (i) an allocation, or any portion thereof, is stopped in terms of subsection (1)(a) or (b); and
 - (ii) the relevant transferring officer certifies, in writing, to the National Treasury that the payment of an amount in terms of a statutory or contractual obligation is overdue and the allocation, or a portion thereof, was intended for payment of the amount,
- the National Treasury may, by notice in the *Gazette*, approve that the allocation, or any portion thereof, be used to pay that amount partially or fully.
- (b) The utilisation of funds envisaged in this subsection is a direct charge against the National Revenue Fund.

Reallocation of funds

- 19.** (1) When a Schedule 4 or 5 allocation, or a portion thereof, is stopped in terms of section 18(1)(a) or (b), the National Treasury may, after consultation with the transferring officer and the relevant provincial treasury, determine the portion of the allocation to be reallocated, as the same type of allocation as it was allocated originally, to one or more provinces or municipalities, on condition that the allocation must be spent by the end of the 2022/23 financial year.
- (2) (a) When a Schedule 4 or 5 allocation, or a portion thereof, is stopped in terms of section 18(1)(c), the National Treasury must, after consultation with the transferring officer and the relevant provincial treasury, determine the portion of the allocation to be reallocated, as the same type of allocation as it was allocated originally, to the affected municipalities, on condition that the allocation must be spent by the end of the 2022/23 financial year.

Ukumiswa kwezabelo

- 18.** (1) Ngaphandle kwesigaba se-17, Umnyango Wezezimali Kazwelonke, ngokubona kwawo noma ngokucelwa yisikhulu esamukela imali, ungamisa ukudluliswa kwesabelo saShejuli 4 noma 5, noma ingxenye, esifundazweni noma kumasipala—
- (a) odabeni— 5
- (i) lwesifundazwe, uma lo Mthetho wephulwa ngendlela ejulile ngempela neqhubekayo, njengoba kuhlangoziwe esigabeni 216(2) soMthethosisekelo;
- (ii) umasipala, uma—
- (aa) lo mthetho uphulwa ngendlela ejulile ngempela neqhubekayo, njengoba kuhlangoziwe esigabeni sama-216(2) soMthethosisekelo, funda nesigaba sama-38(1)(b)(i) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala; 10
- (bb) uma ukwephulwa komthetho noma ukuhluleka ukuwuthobela kwenzeka, njengoba kuhlangoziwe esigabeni sama-38(1)(b)(ii) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala; 15
- (b) uma Umnyango Wezezimali Kazwelonke ulindele ukuthi isifundazwe noma umasipala uzosebenzisa imali encane kakhulu kule owabelwe yona, noma olunye uhlelo oluxhaswe isabelo ngokuyingxenye noma ngokugcwele, ngonyaka wezimali wezi-2022/23; noma 20
- (c) Ngezinhlolo zokwabiwa komsebenzi kusuka esifundazweni kuya kumasipala, njengoba kuhlangozwe esigabeni se-10 soMthetho Wezinhlolo Zomasipala.
- (2) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kumele, ngaphambi kokumisa isabelo ngokwesigatshana (1)(a)(i) noma (b)— 25
- (a) uhambisane nezinqubo esigabeni se-17(4)(a); futhi
- (b) wazise umnyango wezezimali wesifundazwe ofanele izinhloso zawo zokumisa ukwabiwa.
- (3) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kumele, ngaphambi kokumisa isabelo ngokwesigatshana (1)(a)(ii), uhambisane nemihlinzeko esebenzayo yesigaba sama-38 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala. 30
- (4) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele unike isaziso kusoMqulu kaHulumeni sokumiswa kwesabelo ngokwalesi sigaba bese ufaka kwisaziso usuku okuzoqala ngakho ukumiswa kanye nesizathu sokumisa. 35
- (5) (a) Uma—
- (i) isabelo, nanoma iyiphi ingxenye yaso, imisiwe ngokwesigatshana(1)(a) noma (b); futhi
- (ii) isikhulu esidlulisa imali esifanele siqinisekisa, ngokubhala phansi, kuMnyango Wezezimali Kazwelonke ukuthi ukukhokha kwemali ngokwesibopho somthetho noma senkontileka sekudlulelwe isikhathi futhi isabelo, noma ingxenye yaso sasihloselwe ukukhokha kwaleyo mali; 40
- uMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngesaziso kusoMqulu kaHulumeni engagunyaza ukuthi isabelo noma ingxenye yaso, ukuthi isetshenziswe ukukhokha imali ingxenye noma ngokugcwele.
- (b) Ukusetshenziswa kwezimali okuhlangozwe esigatshaneni kuyimali ethathwa ngqo esiKhwameni Semali Engenayo Sikazwelonke 45

Ukwabiwa kabusha kwezimali

- 19.** (1) Uma isabelo saShejuli 4 noma 5, noma ingxenye yaso, imiswa ngokwesigaba se-18(1)(a) noma (b), Umnyango Wezezimali Kazwelonke emva kokubonisa nesikhulu esidlulisa imali kanye nomnyango wezezimali wesifundazwe, unganquma ingxenye yesabelo ezokwabiwa kabusha, njengohlobo lwesabelo olufanayo njengoba lwalwabiwe ekuqaleni, esifundazweni esisodwa noma eziningi noma omasipala, ngaphansi kombandela wokuthi lesa sabelo kumele sisetshenziwe siphele ungakapheli unyaka wezimali wezi-2022/23. 50
- (2) (a) Uma isabelo saShejuli 4 noma 5, noma ingxenye yaso, imiswa ngokwesigaba se-18(1)(a) noma (b), Umnyango Wezezimali Kazwelonke emva kokubonisa nesikhulu esidlulisa imali kanye nomnyango wezezimali wesifundazwe, unganquma ingxenye yesabelo ezokwabiwa kabusha, njengohlobo lwesabelo olufanayo njengoba lwalwabiwe ekuqaleni, komasipala abathintekayo, ngaphansi wombandela wokuthi lesa sabelo kumele sisetshenziwe siphele ungakapheli unyaka wezimali wezi-2022/23. 60

(b) The portion of the allocation reallocated in terms of paragraph (a) is, with effect from the date of the notice in the *Gazette* in terms of subsection (4)(a), regarded as having been converted to an allocation in Part B of the same Schedule it appears before the reallocation.

(3) (a) If the transferring officer of a Schedule 6 allocation indicates, in writing, to the National Treasury that a portion of the allocation is likely to be underspent, or needs to be reprioritised to meet a priority, the National Treasury may, at the request of the transferring officer, determine that the portion be reallocated, as the same type of allocation as it was allocated originally, to a provincial department of another province or to another municipality.

(b) Before requesting a reallocation, the transferring officer must notify the affected provincial department or municipality of the proposed reallocation and give the provincial department or municipality at least 14 days to provide comments and propose changes.

(c) When making a request in terms of paragraph (a), the transferring officer must submit to the National Treasury comments and proposed changes provided by the affected provincial department or municipality in terms of paragraph (b).

(d) The reallocated portion must, as far as possible, be spent by the end of the 2022/23 financial year.

(e) The reallocated portion is regarded as having been converted to an allocation to the relevant provincial department or municipality with effect from the date of the notice in the *Gazette* in terms of subsection (4)(a).

(4) (a) The National Treasury must—

- (i) give notice in the *Gazette* of a reallocation in terms of subsection (1), (2) or (3); and
- (ii) provide a copy of the notice to the transferring officer and each affected receiving officer.

(b) The reallocation of a portion of an allocation not spent by the end of the 2022/23 financial year is eligible for a roll-over in terms of section 21(2).

(5) (a) When an intervention in terms of section 100 or 139 of the Constitution or section 137, 139 or 150 of the Municipal Finance Management Act takes place, the National Treasury may, despite subsection (1) and on such conditions as it may determine, authorise in relation to—

- (i) section 100 of the Constitution, the transferring officer to spend an allocation stopped in terms of section 18 on behalf of the relevant province;
- (ii) section 139 of the Constitution or section 137 or 139 of the Municipal Finance Management Act, the intervening province to spend an allocation stopped in terms of section 18 on behalf of the relevant municipality; or
- (iii) section 150 of the Municipal Finance Management Act, the relevant transferring officer to spend an allocation stopped in terms of section 18 on behalf of the relevant municipality.

(b) An allocation that is spent by the transferring officer or intervening province referred to in paragraph (a) must, for the purposes of this Act, be regarded as a Schedule 6 allocation from the date on which the authorisation is given.

(6) (a) On a joint request by the transferring officer and the National Disaster Management Centre, established by section 8 of the Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002), the National Treasury may approve that a conditional allocation in Schedule 4, 5 or 6, or a portion thereof, be reallocated to pay for the alleviation of the impact of a classified disaster or the reconstruction or rehabilitation of infrastructure damage caused by a classified disaster.

(b) Before the National Treasury approves a reallocation, the receiving officer of the conditional allocation in Schedule 4 or 5 or the transferring officer of a Schedule 6 allocation must confirm that the affected funds are not committed in terms of any statutory or contractual obligation.

(c) The reallocated funds must be used in the 2022/23 financial year in the same sphere that the allocation was originally made and for the same functional area that the original allocation relates to.

(b) Ingxenye yesabelo esabiwe ngokwendima (a) iqala ukusebenza kusukela ngosuku lwesaziso kusoMqulu kaHulumeni ngokwesigatshana (4)(a), ithathwa njengeguqulwe yenziwa isabelo esiseNgxeneni B yaShejuli efanayo, ivela ngaphambi kokwabiwa kabusha.

(3) (a) Uma ngabe isikhulu esidlulisa imali sesabelo saShejuli 6 sikhombisa ngokubhala phansi kuMnyango Wezezimali Kazwelonke ukuthi ingxenye yesabelo maningi amathuba okuthi isetshenziswe kancane, noma idinga ukuphinda ibekwe eqhulwini ukuze kuhlangatshezwane nokubalulekile, Umnyango Wezezimali Kazwelonke, ngesicelo sesikhulu esidlulisa imali, unganquma ukuthi ingxenye yabiwe kabusha, njengohlobo olufanayo lwesabelo njengoba lwalwabiwe ekuqaleni, emnyangweni wesifundazwe wesinye isifundazwe noma komunye umasipala. 5 10

(b) Ngaphambi kokufaka isicelo sokwabiwa kabusha, isikhulu esidlulisa imali kumele sazise umnyango wesifundazwe othintekayo noma umasipala ngesicelo sokwabiwa kabusha esihlongozwayo futhi sinikeze umnyango wesifundazwe noma umasipala okungenani izinsuku eziyi-14 ukuba unike imibono futhi uphakamise izinguquko. 15

(c) Lapho senza isicelo ngokwendima (a), isikhulu esidlulisa imali kumele sithumele kuMnyango Wezezimali kaZwelonke imibono kanye nezinguquko ezihlongozwayo ezihlinzekwe umnyango wesifundazwe noma umasipala othintekile ngokwendima (b).

(d) Ingxenye eyabiwe kabusha kufanele, ngayo yonke imizamo, isetshenziswe ungakapheli unyaka wezimali ka-2022/23. 20

(e) Ingxenye eyabiwe kabusha ithathwa njengeguquliwe yenziwa isabelo somnyango wesifundazwe ofanele noma umasipala kusukela ngosuku lwesaziso kusoMqulu kaHulumeni ngokwesigatshana (4)(a).

(4) (a) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kumele— 25

(i) unikeze isaziso kusoMqulu kaHulumeni sokwabiwa kabusha ngokwesigatshana (1), (2) noma (3); futhi

(ii) hlinzeka ngekhophi yesaziso kwisikhulu esidlulisa imali kanye nakwisikhulu esamukela imali ngasinye esithintekayo.

(b) Ukwabiwa kabusha kwengxenye yesabelo esingasetshenziswanga ekupheleni konyaka wezimali ka-2022/23 kufanele ukuthi kudluliselwe phambili ngokwesigaba 21(2). 30

(5) (a) Lapho ukungenelela ngokwesigaba se-100 noma se-139 soMthethosisekelo noma isigaba se-137, 139 noma se-150 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala kwenzeka, uMnyango Wezimali kaZwelonke, naphezu kwesigatshana (1) nangaleyo mibandela ongayinquma, ungagunyaza maqondana ne— 35

(i) isigaba se-100 soMthethosisekelo, isikhulu esidlulisa imali ukuze sichithe isabelo esimisiwe ngokwesigaba se-18 egameni lesifundazwe esifanele;

(ii) isigaba se-139 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, isifundazwe esingenelelayo ukuze sichithe isabelo esimisiwe ngokwesigaba se-18 egameni likamasipala ofanele; noma 40

(iii) isigaba se-150 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, isikhulu esidlulisa imali ukuze sichithe isabelo esimisiwe ngokwesigaba se-18 egameni likamasipala ofanele.

(b) Isabelo esisetshenziswa yisikhulu esidlulisa imali noma isifundazwe esingenelelayo okukhulunywe ngaso endimeni (a) kufanele, ngokwezinjongo zalo Mthetho, sithathwe njengesabelo saShejuli 6 kusukela ngosuku okugunyazwe ngalo. 45

(6) (a) Ngesicelo esihlanganyelwe sesikhulu esidlulisa imali kanye neSikhungo Sikazwelonke Sokulawulwa Kwezinhlekelele, esasungulwa ngokwesigaba se-8 soMthetho Wokulawulwa Kwezinhlekelele, 2002 (uMthetho 57 wezi-2002), uMnyango Wezezimali Kazwelonke angagunyaza ukuthi isabelo esinembandela kuShejuli 4, 5 noma 6, noma ingxenye yakhona, iphinde yabelwe ukukhokhela ukudambisa umthelela wenhlekelele ehlukaniswe noma ukwakhiwa kabusha noma ukuvuselelwa komonakalo wengqalasizinda odalwe yinhlekelele ethile. 50

(b) Ngaphambi kokuba uMnyango Wezezimali Kazwelonke ugunyaze ukwabiwa kabusha, isikhulu esamukela isabelo semibandela esikuShejuli 4 noma 5 noma isikhulu esidlulisa imali esabelweni saShejuli 6 kufanele siqinisekise ukuthi izimali ezithintekayo azenziwanga ngokwanoma isiphi isibopho somthetho noma senkontileka. 55

(c) Izimali ezabiwe kabusha kufanele zisetshenziswe onyakeni wezimali wezi-2022/23 kumkhakha ofanayo nalowo isabelo esanikezwa khona ekuqaleni kanye nendawo yokusebenza efanayo naleyo isabelo sokuqala esihlobene nayo. 60

(d) The transferring officer must, after consultation with the National Disaster Management Centre and with the approval of the National Treasury, determine the conditions for spending the reallocated funds.

(e) Subsection (4) applies, with the necessary changes, to a reallocation in terms of this subsection to another province or municipality. 5

Conversion of allocations

20. (1) If satisfied that the relevant provincial department or municipality has demonstrated the capacity to implement projects, the National Treasury may, at the request of the transferring officer and after consultation with the receiving officer, convert any portion of— 10

- (a) an allocation listed in Part B of Schedule 6 to one listed in Part B of Schedule 5;
- (b) the School Infrastructure Backlogs Grant to the Education Infrastructure Grant; or
- (c) the National Health Insurance Indirect Grant listed in Part A of Schedule 6 to the Health Facility Revitalisation Grant, District Health Programme Grant, Human Resources and Training Grant or the National Health Insurance Grant listed in Part A of Schedule 5. 15

(2) The National Treasury may, after consultation with the relevant transferring officer, receiving officer and provincial treasury, convert any portion of an allocation listed in Part B of Schedule 5 to one listed in Part B of Schedule 6, if it is satisfied that— 20

- (a) the conversion shall prevent under-expenditure or improve the level of service delivery in respect of the allocation in question;
- (b) the affected national or provincial department or municipality has demonstrated the capacity to implement projects; 25
- (c) the transferring officer has made a demonstrable effort to strengthen the capacity of the receiving officer to implement the allocation, but the receiving officer is still not capable of meeting all the requirements of the allocation; and
- (d) there is a history of poor performance in the previous two financial years for the relevant allocation to the receiving officer, including withholding and stopping of allocations. 30

(3) If satisfied that a municipality has failed to follow the applicable procurement prescripts prescribed in terms of the Municipal Finance Management Act, the National Treasury may, at the request of the transferring officer or in its discretion, after consultation with the relevant transferring officer and receiving officer, convert any portion of an allocation listed in Part B of Schedule 5 to one listed in Part B of Schedule 6. 35

(4) (a) Any portion of an allocation, except the School Infrastructure Backlogs Grant, converted in terms of subsections (1), (2) or (3) must—

- (i) be used for the same province or municipality to which the allocation was originally made; and 40
- (ii) if—
 - (aa) possible, be used to implement the same project or projects that were planned if the allocation had not been converted; or
 - (bb) not possible, the receiving officer must sign an agreement that defines any new project to be funded, before it is implemented. 45

(b) The School Infrastructure Backlogs Grant must be used—

- (i) for the same province to which the allocation was originally made; and
- (ii) to implement the same project or projects that were planned if the allocation had not been converted. 50

(5) The National Treasury must—

- (a) give notice in the *Gazette* of a conversion in terms of subsection (1), (2) or (3); and
- (b) provide a copy of the notice to the transferring officer and each affected receiving officer. 55

(d) Isikhulu esidlulisa imali kufanele, ngemva kokubonisana neSikhungo Sikazwelonke Sokulawulwa Kwezinhlekelele futhi ngemvume yoMnyango Wezezimali Kazwelonke, sinqume izimo zokusebenzisa izimali ezabiwe kabusha.

(e) Isigatshana (4) sisebenza, nezinguquko ezidingekayo, ekwabiweni kabusha ngokwemibandela yalesi sigatshana kwesinye isifundazwe noma umasipala. 5

Ukuguqulwa kwezabelo

20. (1) Uma wanelisekile ngokuthi umnyango wesifundazwe ofanele noma umasipala ukhombisile amandla okuqalisa amaphrojekthi, uMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngokwesicelo sesikhulu esidlulisa imali futhi emva kokubonisana nesikhulu esamukela imali, uguqule noma iyiphi ingxenye ye— 10

(a) yesabelo esisohlwini lweNgxenye B yaShejuli 6 kuya kolunye esohlwini lweNgxenye B yaShejuli 5;

(b) Isibonelelo Sokusalela emuva Kwengqalasizinda Yesikole Esiya kwisibonelelo Sengqalasizinda Yezemfundo; noma

(c) Isibonelelo esingaqondile Somshwalense Wezempilo Kazwelonke esohlwini lweNgxenye A yaShejuli 6 lweSibonelelo Sokuvuselela Isikhungo Sezempilo, Isibonelelo Sohlelo Lwezempilo Lwesifunda, Isibonelelo Sezabasebenzi Nokuqeqeshwa noma Isibonelelo Sikazwelonke Somshwalense Wezempilo esohlwini lweNgxenye A yeShejuli 5. 15

(2) Umnyango Wezezimali Kazwelonke, emva kokubonisana nesikhulu esidlulisa imali esithintekayo, isikhulu esamukela imali kanye nomnyango wezezimali wesifundazwe, ungase uguqule noma iyiphi ingxenye yesabelo esisohlwini lweNgxenye B yaShejuli 5 lube olusohlwini lweNgxenye B yaShejuli 6, uma wanelisekile ukuthi— 20

(a) ukuguqulwa kuzovimbela ukusebenzisa imali kancane noma kuthuthukise izinga lokulethwa kwezinsiza mayelana nesabelo okukhulunywa ngaso; 25

(b) umnyango kazwelonke noma wesifundazwe othintekile noma umasipala ubonise amandla okuqalisa amaphrojekthi;

(c) isikhulu esidlulisa imali senze umzamo obonakalayo wokuqinisa amandla esikhulu esamukela imali ukuze siqalise ukwabiwa, kodwa isikhulu esamukela imali asikakwazi ukuhlangabezana nazo zonke izidingo zokwabiwa; futhi 30

(d) kunomlando wokungaqhubi kahle komsebenzi eminyakeni yezimali emibili edlule yesabelo esifanele sesikhulu esamukela imali, okuhlanganisa ukubanjwa nokumiswa kwezabelo.

(3) Uma usunesiqiniseko ngokuthi umasipala wehlulekile ukulandela imigomo esebenzayo yokuthengwa kwempahla ebekwe ngokoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, uMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngokwesicelo sesikhulu esidlulisa imali noma ngokubona kwawo, emva kokubonisana nesikhulu esidlulisa imali kanye nesikhulu esamukela imali, ungaguqula noma iyiphi ingxenye yesabelo esohlwini lweNgxenye B yeShejuli 5 ibe esohlwini lweNgxenye B yaShejuli 6. 40

(4) (a) Noma iyiphi ingxenye yesabelo, ngaphandle Kwesibonelelo Sokusalela emuva Kwengqalasizinda Yesikole, esiguquliwe ngokwesigatshana (1), (2) noma (3) kufanele—

(i) zisetshenziselwe isifundazwe noma umasipala ofanayo nalo okwabelwa kuwo ekuqaleni; futhi 45

(ii) uma—

(aa) kungenzeka, isetshenziselwe ukuqalisa iphrojekthi efanayo noma amaphrojekthi ayehleliwe uma isabelo besingaguqulwanga; noma

(bb) kungenzeki, isikhulu esamukela imali kufanele sisayine isivumelwano esichaza noma iyiphi iphrojekthi entsha ezoxhaswa, ngaphambi kokuthi iqaliswe. 50

(b) Isibonelelo Sengqalasizinda Yesikole kufanele sisetshenziswe—

(i) esifundazweni esifanayo okwakwenziwe kuso isabelo ekuqaleni; futhi

(ii) ukuqalisa iphrojekthi efanayo noma amaphrojekthi ayehleliwe uma isabelo besingaguqulwanga. 55

(5) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele—

(a) unikeze isaziso soguquko kusoMqulu kaHulumeni ngokwesigatshana (1), (2) noma (3); futhi

(b) hlinzeka ngekhophi yesaziso esikhulwini esidlulisa imali kanye nesikhulu esamukela imali esithintekayo ngasinye. 60

- (6) A conversion in terms of subsection (1), (2) or (3) takes effect on the date of publication of the notice in terms of subsection (5)(a).
- (7) If an allocation listed in Schedule 7 is insufficient for a classified disaster or housing emergency referred to in section 25(3)(a), the National Treasury may, after consultation with, or on the request of, the relevant transferring officer, convert any portion of— 5
- (a) the Provincial Disaster Response Grant listed in Part A of Schedule 7 to the Municipal Disaster Response Grant listed in Part B of Schedule 7;
 - (b) the Municipal Disaster Response Grant listed in Part B of Schedule 7 to the Provincial Disaster Response Grant listed in Part A of Schedule 7; 10
 - (c) the Provincial Emergency Housing Grant listed in Part A of Schedule 7 to the Municipal Emergency Housing Grant listed in Part B of Schedule 7; or
 - (d) the Municipal Emergency Housing Grant listed in Part B of Schedule 7 to the Provincial Emergency Housing Grant listed in Part A of Schedule 7.
- (8) The National Treasury must— 15
- (a) in the notice published in terms of section 25(3)(c), include notification of the conversion in terms of subsection (7) and the effective date referred to in subsection (9); and
 - (b) provide a copy of the notice to the transferring officer.
- (9) A conversion in terms of subsection (7) takes effect on the date that the National Treasury approves it. 20

Unspent conditional allocations

21. (1) Despite a provision to the contrary in the Public Finance Management Act or the Municipal Finance Management Act, any conditional allocation, or a portion thereof, that is not spent at the end of the 2022/23 financial year reverts to the National Revenue Fund, unless the roll-over of the allocation is approved in terms of subsection (2). 25
- (2) The National Treasury may, at the request of a transferring officer, receiving officer or provincial treasury, approve a roll-over of a conditional allocation to the 2023/24 financial year if the unspent funds are committed to identifiable projects. 30
- (3) (a) The receiving officer must ensure that any funds that must revert to the National Revenue Fund in terms of subsection (1), are paid into that Fund by the date determined by the National Treasury.
- (b) The receiving officer must— 35
 - (i) in the case of a provincial department, request the roll-over of unspent funds through its provincial treasury; and
 - (ii) inform the transferring officer of all processes regarding the request.
- (4) (a) The National Treasury may, subject to paragraphs (b) and (c), offset any funds that must revert to the National Revenue Fund in terms of subsection (1), but not paid into that Fund by the date determined in terms of subsection (3)(a)— 40
- (i) in respect of a province, against future transfers of conditional allocations to that province; or
 - (ii) in respect of a municipality, against future transfers of the equitable share or conditional allocations to that municipality.
- (b) Before any funds are offset in terms of paragraph (a), the National Treasury must 45 give the relevant transferring officer, province or municipality—
- (i) notice of the intention to offset amounts against future allocations, the intended amount to be offset against allocations, the intended date for the offsetting and the reasons for the offsetting; and
 - (ii) an opportunity, within 14 days of receipt of the notice, to— 50
 - (aa) propose an alternative date for offsetting;
 - (bb) make written submissions why the full or a part of the amount should not be offset; or

- (6) Ukuguqulwa ngokwesigatshana (1), (2) noma (3) kuqala ukusebenza ngosuku lokushicilelwa kwesaziso ngokwesigatshana (5)(a).
- (7) Uma isabelo esikwiShejuli 7 singanele ukubhekana nezinhlekelele noma izimo eziphuthumayo zezindlu okukhulunywe ngazo esigabeni sama-25(3)(a), uMnyango Wezezimali Kazwelonke, emva kokubonisana, noma ngesicelo sesikhulu esidlulisa imali esifanele, ungaguqula noma iyiphi ingxenye—
- (a) Yesibonelelo Sokubhekana Nezinhlekelele Zesifundazwe esisohlwini lwe-Ngxenye A yeShejuli 7 Esibonelelweni Sokubhekana Nezinhlekelele Zikamasipala esisohlwini lweNgxenye B yaShejuli 7;
 - (b) Yesibonelelo Sokubhekana Nezinhlekelele Zikamasipala esisohlwini lwe-Ngxenye B yaShejuli 7 lweSibonelelo Sokubhekana Nezinhlekelele Zesifundazwe esisohlwini lweNgxenye A yaShejuli 7;
 - (c) Yesibonelelo Sezindlu Eziphuthumayo esisohlwini lweNgxenye A yaShejuli 7 lweSibonelelo Sezindlu Eziphuthumayo sikaMasipala esisohlwini lwe-Ngxenye B yaShejuli 7; noma
 - (d) Yesibonelelo Sezindlu Eziphuthumayo Sesifundazwe esisohlwini lwe-Ngxenye B yaShejuli 7 kuya kwiSibonelelo Sezindlu Eziphuthumayo Sesifundazwe esisohlwini lweNgxenye A yaShejuli 7.
- (8) Umnyango Wezezimali Kazwelonke—
- (a) esazisweni esishicilelwe ngokwesigaba sama-25(3)(c), sihlanganisa isaziso sokuguqulwa ngokwesigatshana (7) kanye nosuku lokuqala olushiwo esigatshaneni (9); futhi
 - (b) uhlinzeka ngekhophi yesaziso kumphathi odlulisa imali.
- (9) Ukuguqulwa ngokwesigatshana (7) kuqala ukusebenza ngosuku uMnyango Wezezimali Kazwelonke okugunyaza ngalo.

Izabelo ezinemibandela ezingasetshenziswa

21. (1) Ngaphandle kokuphikisa okuphambene noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi noma uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, noma yisiphi isabelo esinemibandela, noma ingxenye yalokho, okushaya ukuphela konyaka wezimali wezi-2022/23 singasetshenzisiwe, sibuyela esiKhwameni Semali Kazwelonke, ngaphandle uma ukwandiswa kwesabelo kugunyazwe ngokwesigatshana (2).
- (2) UMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngesicelo sesikhulu esidlulisa imali, isikhulu esamukela imali noma umnyango wezezimali wesifundazwe, ungagunyaza ukwandiswa kwesabelo esinemibandela onyakeni wezimali wezi-2023/24 uma izimali ezingakasetshenziswa zibekelwe amaprojekthi abonakalayo.
- (3) (a) Isikhulu esamukela imali kufanele siqinisekise ukuthi noma yiziphi izimali okufanele zibuyiselwe esiKhwameni Semali Kazwelonke ngokwemibandela yesigatshana (1), zikhokhwa kuleso Sikhwama ngosuku olunqunywe uMnyango Wezezimali Kazwelonke.
- (b) Isikhulu esamukela imali kumele—
 - (i) odabeni lomnyango wesifundazwe, sicele ukudluliselwa kwezimali ezingakasetshenziswa ngomnyango wezezimali wesifundazwe; futhi
 - (ii) sazisa isikhulu esidlulisa imali ngazo zonke izinqubo mayelana nesicelo.
- (4) (a) UMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngokuncika ezindimeni (b) kanye (c), unganciphisa noma yiziphi izimali okufanele zibuyiselwe esiKhwameni Semali Kazwelonke ngokwesigatshana (1), kodwa ezingakhokhiwe kuleso Sikhwama ngosuku olwanqunywa ngokwesigatshana (3)(a)—
- (i) mayelana nesifundazwe, ngokumelana nokudluliselwa kwezabelo ezinemibandela kuleso sifundazwe esikhathini esizayo; noma
 - (ii) mayelana nomasipala, ngokumelene nokudluliswa kwemali esikhathini esizayo kwesabelo esilinganayo noma izabelo ezinemibandela kulowo masipala.
- (b) Ngaphambi kokulinganiswa kwanoma yiziphi izimali ngokwendima (a), uMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele unikeze isikhulu esidlulisa imali esifanele, isifundazwe noma umasipala—
- (i) isaziso senhloso yokulinganisa izimali mayelana nokwabiwa kwesikhathi esizayo, inani elihlosiwe okufanele lilinganiswe mayelana nezabelo, usuku okuhloswe ngalo ukulinganisa kanye nezizathu zokulinganisa; futhi
 - (ii) ithuba, zingakapheli izinsuku eziyi-14 kutholwe isaziso, loku—
 - (aa) phakamisa olunye usuku lokulinganisa;—
 - (bb) lokwenza izethulo ezibhalwe phansi ukuthi kungani imali egcwele noma ingxenye yemali kungafanele ilinganiswe; noma

- (cc) propose an alternative date or dates by which the amount, or portions thereof, must be paid into the National Revenue Fund.
- (c) The National Treasury must—
- (i) accept the date or dates proposed in terms of paragraph (b)(ii)(aa) or (cc) or determine a different date or dates; or 5
 - (ii) accept or reject the submissions made in terms of paragraph (b)(ii)(bb).
- (5) (a) The National Treasury may amend the amount of the equitable share or a conditional allocation offset in terms of subsection (4).
- (b) If the amendment envisaged in paragraph (a) results in an underpayment to a municipality— 10
- (i) in respect of the equitable share of the municipality, the department responsible for local government must, despite section 5(3), transfer the difference to the municipality within 10 days; or
 - (ii) in respect of a conditional allocation of the municipality, the transferring officer must, despite the payment schedule envisaged in section 22(3), transfer the difference to the municipality within 10 days. 15
- (c) If the amendment in terms of paragraph (a) results in an overpayment to a municipality, section 24 applies.

CHAPTER 4

MATTERS RELATING TO ALL ALLOCATIONS 20

Payment requirements

22. (1) (a) The National Treasury must, after consultation with the provincial treasury, determine the payment schedule for the transfer of a province's equitable share allocation.
- (b) In determining the payment schedule, the National Treasury must take into account the monthly expenditure commitments of provinces and seek to minimise risk and debt servicing costs for national and provincial government. 25
- (c) Despite paragraph (a), the National Treasury may advance funds to a province in respect of its equitable share, or a portion thereof, which has not yet fallen due for transfer in terms of the payment schedule— 30
- (i) for cash management purposes relating to the corporation for public deposits account or when an intervention in terms of section 100 of the Constitution takes place; and
 - (ii) on such conditions as it may determine.
- (d) Any advance in terms of paragraph (c) must be offset against transfers to the province, which would otherwise become due in terms of the payment schedule. 35
- (2) (a) The National Treasury must, after consultation with the national department responsible for local government, determine the amount of a municipality's equitable share allocation to be transferred on each date referred to in section 5(3).
- (b) If an amount less than the amount approved in terms of paragraph (a) is paid to a municipality, the difference must, despite section 5(3), be paid within 10 days after it comes to the attention of the national department responsible for local government. 40
- (c) Despite paragraph (a), the National Treasury may approve a request or direct that the equitable share, or a portion thereof, which has not yet fallen due for transfer in terms of section 5(3), be advanced to a municipality— 45
- (i) after consultation with the national department responsible for local government;
 - (ii) for purposes of cash management in the municipality or an intervention in terms of section 139 of the Constitution or section 137, 139 or 150 of the Municipal Finance Management Act; and 50
 - (iii) on such conditions as the National Treasury may determine.
- (d) Any advance in terms of paragraph (c) must be offset against transfers to the municipality, which would otherwise become due in terms of section 5(3).

- (cc) phakamisa olunye usuku noma izinsuku lapho inani, noma izingxenye zalo, kufanele zikhokhe eSikhwameni Sengenisomali Kazwelonke.
- (c) Umnyango Wezezimali Kazwelonke kumele—
- (i) wamukele usuku noma izinsuku eziphakanyisiwe ngokwendima (b)(ii)(aa) noma (cc) noma unqume usuku noma izinsuku ezihlukile; noma 5
- (ii) wamukele noma wenqaba izethulo ezenziwe ngokwendima (b)(ii)(bb).
- (5) (a) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungachibiyela inani lesabelo esilinganayo noma isabelo esinemibandela esilinganisiwe ngokwesigatshana (4).
- (b) Uma ukuchitshiyelwa okushiwo endimeni (a) kuholela ekukhokheleni umasipala imali encane— 10
- (i) mayelana nesabelo esilinganayo sikamasipala, umnyango obhekele ohulumeni basekhaya kumele, ngaphandle kwesigaba se-5(3), udlulisele umehluko kumasipala zingakapheli izinsuku eziyi-10; noma
- (ii) mayelana nesabelo esinemibandela sikamasipala, isikhulu esidlulisa imali kumele, ngaphandle kohlelo lokukhokha olushiwo esigabeni sama-22(3), 15 sidlulisele umehluko kumasipala zingakapheli izinsuku eziyi-10.
- (c) Uma ukuchitshiyelwa ngokwendima (a) kuholela ekukhokheni ngokweqile kumasipala, isigaba sama-24 siyasebenza.

ISAHLUKO 4

IZINDABA EZIMAQONDANA NAZO ZONKE IZABELO 20

Izidingo zokukhokha

22. (1) (a) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele, emva kokubonisana nomnyango wezezimali wesifundazwe, unqume ishejuli yokukhokha yokudluliswa kwesabelo esilinganayo sesifundazwe.
- (b) Ekunqumeni ishejuli yokukhokha, uMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele 25 ucabangele izibopho zezindleko zanyanga zonke zezifundazwe futhi azame ukunciphisa ubungozi kanye nezindleko zokukhokhela izikweletu kuhulumeni kazwelonke nowesifundazwe.
- (c) Naphezu kwendima (a), uMnyango Wezezimali Kazwelonke ungase udlulisele 30 izimali esifundazweni mayelana nesabelo saso esilinganayo, noma ingxenye yaso, okungakafaneli ukuba idluliswe ngokwaShejuli yokukhokha—
- (i) ngezinhloso zokuphathwa kwemali mayelana nenkampani kwenzelwa amakhawunti ediphozithi omphakathi noma lapho kwenzeka khona ukungenelela ngokwesigaba se-100 soMthethosisekelo; futhi
- (ii) Ngaleyo mibandela enganqunywa. 35
- (d) Noma iyiphi inkokhelo ekhokhwa ngaphambili ngokwesigaba (c) kufanele ilingane nokudluliswa kwemali esiFundazweni, obekungenzeka ukuthi ikhokhwe ngokwaShejuli yokukhokha.
- (2) (a) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele, emva kokubonisana nomnyango kazwelonke obhekele ohulumeni basekhaya, unqume inani lemali lesabelo 40 esilinganayo sikamasipala okufanele sidluliselwe ngosuku ngalunye olushiwo esigabeni se-5(3).
- (b) Uma imali engaphansi kwenani eligunyaziwe ngokwendima (a) ikhokhwa kumasipala, umehluko kufanele, ngale kwesigaba se-5(3), ukhokhwe zingakapheli 45 izinsuku eziyi-10 ngemuva kokufika ezindlebeni zomnyango kazwelonke obhekelele ohulumeni basekhaya.
- (c) Ngale kwendima (a), uMnyango Wezezimali Kazwelonke ungagunyaza isicelo noma uyalele ukuthi isabelo esilinganayo, noma ingxenye yaso, okungakadingeki ukuthi idluliselwe ngokwesigaba se-5(3), idluliselwe kumasipala—
- (i) ngemuva kokubonisana nomnyango kazwelonke obhekele ohulumeni basekhaya; 50
- (ii) ngezinhloso zokuphathwa kwemali kumasipala noma ukungenelela ngokwesigaba se-139 soMthethosisekelo noma isigaba se-137, 139 noma se-150 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala; futhi
- (iii) on kuleyo mibandela enganqunywa uMnyango Wezezimali Kazwelonke. 55
- (d) Noma iyiphi imali ekhokhwa phambili ngokwendima (c) kufanele ilingane nemali edluliselwa kumasipala, okuvele izogcina ifanele ikhokhiwe ngokwesigaba 5(3).

(3) (a) Subject to section 27(1), the National Treasury must, within 14 days after this Act takes effect, approve the payment schedule for the transfer of an allocation listed in Schedule 4 or 5 to a province or municipality.

(b) The transferring officer of a Schedule 4 or 5 allocation must submit a payment schedule to the National Treasury for approval before the first transfer is made. 5

(c) Before the submission of a payment schedule in terms of paragraph (b), the transferring officer must, in relation to a Schedule 4 or 5 allocation, consult the relevant receiving officer.

(4) The transferring officer of a Schedule 4 or 5 allocation must provide the receiving officer and the relevant provincial treasury with a copy of the approved payment schedule before making the first transfer in terms thereof. 10

(5) The transfer of a Schedule 4 or 5 allocation to a municipality must accord with the financial year of the municipality.

(6) Each transfer of an equitable share or a conditional allocation to a municipality in terms of this Act must be made through a payment system provided by the National Treasury. 15

Amendment of payment schedule

23. (1) (a) Subject to subsection (2), a transferring officer of a Schedule 4 or 5 allocation must, within seven days of the withholding or stopping of an allocation in terms of section 17 or 18, submit an amended payment schedule to the National Treasury for approval. 20

(b) No transfers may be made until the National Treasury has approved the amended payment schedule.

(2) For purposes of—

(a) better management of debt and cash-flow; or 25

(b) addressing financial mismanagement, financial misconduct or slow or accelerated expenditure,

the National Treasury may amend any payment schedule for an allocation listed in Schedule 2, 4 or 5, after notifying, in the case of—

(i) an allocation to a province, its provincial treasury; 30

(ii) an allocation to a municipality, the national department responsible for local government; and

(iii) a Schedule 4 or 5 allocation, the relevant transferring officer.

(3) The amendment of a payment schedule in terms of subsection (1) or (2) must take into account— 35

(a) the monthly expenditure commitments of provinces or municipalities;

(b) the revenue at the disposal of provinces or municipalities; and

(c) the minimisation of risk and debt servicing costs for all three spheres of government.

(4) The transferring officer must immediately inform the receiving officer of any amendment to a payment schedule in terms of subsection (1) or (2). 40

Transfers made in error or fraudulently

24. (1) Despite any other legislation to the contrary, the transfer of an allocation that is an overpayment to a province, municipality or public entity, made in error or fraudulently, is regarded as not legally due to that province, municipality or public entity, as the case may be. 45

(2) The responsible transferring officer must, without delay, recover an overpayment referred to in subsection (1), unless an instruction has been issued in terms of subsection (3).

(3) The National Treasury may instruct that the recovery referred to in subsection (2) be set off against future transfers to the affected province, municipality or public entity in terms of a payment schedule. 50

- (3) (a) Ngokwesigaba se-27(1), uMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele, zingakapheli izinsuku eziyi-14 lo Mthetho uqalile ukusebenza, ugunyaze ishejuli yokukhokha yokudluliselwa kwesabelo esisohlwini olukwiShejuli 4 noma 5 esifundazweni noma kumasipala.
- (b) Isiphathimandla esidlulisa imali sesabelo saShejuli 4 noma 5 kufanele sihambise ishejuli yokukhokha kuMnyango Wezezimali Kazwelonke ukuze ivunywe ngaphambi kokuba kwenziwe ukudluliselwa kokuqala. 5
- (c) Ngaphambi kokulethwa kwaShejuli yokukhokha ngokwendima (b), isikhulu esidlulisa imali kufanele, mayelana nesabelo saShejuli 4 noma 5, sithintane nesikhulu esamukela imali esifanele. 10
- (4) Isikhulu esidlulisa imali sesabelo saShejuli 4 noma 5 kumele sinikeze isikhulu esamukela imali kanye nomnyango wezezimali wesifundazwe esifanele ikhophi yohlelo lokukhokha olugunyaziwe ngaphambi kokwenza ukudluliselwa kokuqala ngokwemibandela yalokho.
- (5) Ukudluliselwa kwaShejuli 4 noma 5 kumasipala kumele kuhambisane nonyaka wezimali kamasipala. 15
- (6) Ukudluliselwa ngakunye kwesabelo esilinganayo noma isabelo esinemibandela kumasipala ngokwalo Mthetho kufanele kwenziwe ngohlelo lokukhokha oluhlinzekwe nguMnyango Wezezimali Kazwelonke.

Ukuchitshiyelwa kweshejuli yokukhokha 20

23. (1) (a) Ngokwesigatshana (2), isikhulu esidlulisa imali sesabelo saShejuli 4 noma 5 kufanele, zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa kubanjwe noma kumiswe isabelo ngokwesigaba se-17 noma se-18, sithumele ishejuli yokukhokha echitshiyelwe kuMgcinimafa Kazwelonke ukuze lugunyazwe.
- (b) Akukho ukudluliswa kwemali okungenziwa kuze kube uMnyango Wezezimali Kazwelonke ugunyaze ishejuli yokukhokha echitshiyelwe. 25
- (2) Ngezinhloso—
- (a) zokuphathwa kangcono kwezikweletu kanye nokuphuma kwemali; noma
- (b) zokubhekana nokuphathwa budlabha kwezimali, ukungaziphathi kahle kwezimali noma ukusetshenziswa kwemali okuthatha kancane noma okusheshayo, 30
- UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungachibiyela noma iyiphi ishejuli yokukhokha yesabelo esisohlwini lweShejuli 2, 4 noma 5, ngemva kokwazisa, esimweni lapho—
- (i) isabelo siya esifundazweni, emnyangweni waso wezezimali wesifundazwe;
- (ii) isabelo siya kumasipala, umnyango kazwelonke obhekele ohulumeni basekhaya; futhi 35
- (iii) isabelo saShejuli 4 noma 5, isikhulu esidlulisa imali esifanele.
- (3) Ukuchitshiyelwa kohlelo lokukhokha ngokwesigatshana (1) noma (2) kufanele kucabangele—
- (a) izindleko zanyanga zonke zezifundazwe noma zomasipala; 40
- (b) ingenisomali elitholakala ezifundazweni noma komasipala; futhi
- (c) ukunciphisa ubungozi kanye nezindleko zokukhokhela izikweletu kuzo zontathu izinhlaka zikahulumeni.
- (4) Isikhulu esidlulisa imali kufanele ngokushesha sazise isikhulu esamukela imali nganoma yikuphi ukuchitshiyelwa kohlelo lokukhokha ngokwesigatshana (1) noma (2). 45

Imali ekhokhwe ngephutha noma ngokukhwabanisa

24. (1) Ngaphandle kwanoma yimuphi omunye umthetho ophikisana nalokho, ukudluliselwa kwesabelo okuyinkokhelo engaphezulu eya esifundazweni, umasipala noma inhlango yomphakathi, okwenziwe ngephutha noma ngokukhwabanisa, kuthathwa njengokungafanele ngokomthetho kuleso sifundazwe, umasipala noma inhlango yomphakathi, ngendlela okungaba ngayo. 50
- (2) Isikhulu esidlulisa imali okuwumsebenzi waso kufanele, ngaphandle kokulibala, sibuyise ukukhokhwa ngokweqile okukhulunywe ngakho esigatshaneni (1), ngaphandle uma kukhishwe umyalelo ngokwesigatshana (3).
- (3) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungayalela ukuthi ukubuyiselwa kwemali okukhulunywa ngakho esigatshaneni (2) kuhoxiswe ekudluliseleni esikhathini esizayo esifundazweni esithintekayo, kumasipala noma inhlango yomphakathi ngokohlelo lokukhokha. 55

New allocations during financial year and Schedule 7 allocations

25. (1) If further allocations are made to provinces or municipalities, as envisaged in section 6(3), the National Treasury must, before the transfer of any funds to a province or municipality, by notice in the *Gazette* and as applicable—
- (a) amend any allocation or framework published in terms of section 15; 5
 - (b) publish the allocation per municipality for any new Part B of Schedule 5 allocation or the indicative allocation per municipality for any new Part B of Schedule 6 allocation; or
 - (c) publish a framework for any new Schedule 4, 5, 6 or 7 allocation.
- (2) Section 15(2) to (5) applies, with the necessary changes, to allocations and frameworks published in terms of subsection (1). 10
- (3) (a) The transferring officer may, with the approval of the National Treasury, make one or more transfers of a Schedule 7 allocation to a province or municipality for a classified disaster or a housing emergency, within 100 days after the date of the that disaster or emergency. 15
- (b) The transferring officer must notify the relevant provincial treasury and the National Treasury within 14 days of a transfer of a Schedule 7 allocation to a province or municipality.
- (c) The National Treasury must, within 21 days after the end of the 100-day period envisaged in paragraph (a), by notice in the *Gazette*, publish all transfers of a Schedule 7 allocation made for a classified disaster or housing emergency. 20
- (d) Despite any other legislation to the contrary, the National Treasury may approve that funds allocated in Schedule 7 be used at any time.
- (e) The funds approved in terms of paragraph (d) must be included either in the provincial adjustments appropriation legislation, municipal adjustments budgets or other appropriation legislation. 25

Preparations for 2023/24 financial year and 2024/25 financial year

26. (1) (a) A category C municipality that receives a conditional allocation in terms of this Act must, using the indicative conditional allocations to that municipality for the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year as set out in Column B of the Schedules to this Act, by 16 September 2022— 30
- (i) agree with each category B municipality within the category C municipality's area of jurisdiction on the provisional allocations and the projects to be funded from those allocations in the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year; and 35
 - (ii) submit to the transferring officer—
 - (aa) the provisional allocations referred to in subparagraph (i); and
 - (bb) the projects referred to in subparagraph (i), listed per municipality.
- (b) If a category C municipality and a category B municipality cannot agree on the allocations and projects referred to in paragraph (a), the category C municipality must request the relevant transferring officer to facilitate agreement. 40
- (c) The transferring officer must take all necessary steps to facilitate agreement as soon as possible, but no later than 60 days after receiving a request referred to in paragraph (b).
- (d) Any proposed amendment or adjustment of the allocations that is intended to be published in terms of section 29(3)(b) must be agreed with the relevant category B municipality, the transferring officer and the National Treasury, before publication and the submission of the allocations referred to in paragraph (a)(ii). 45
- (e) If agreement is not reached between the category C municipality and the category B municipality on the provisional allocations and projects referred to in paragraph (a) before 3 October 2022, the National Treasury, after consultation with the relevant 50

Izabelo ezintsha ngesikhathi sonyaka wemali nezabelo zeShejuli 7

25. (1) Uma ezinye izabelo zenziwa ezifundazweni noma komasipala, njengoba kuhlongozwe esigabeni se-6(3), uMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele, ngaphambi kokudluliselwa kwanoma yiziphi izimali esifundazweni noma kumasipala, ngesaziso kusoMqulu kaHulumeni futhi njengoba kufanele— 5
- (a) uchibiyele noma yisiphi isabelo noma uhlaka olushicilelwe ngokwesigaba se-15;
- (b) ashicilele isabelo sikamasipala ngamunye sanoma iyiphi iNgxenye B entsha yaShejuli 5 noma isabelo esiyinkomba ngomasipala ngamunye sanoma iyiphi iNgxenye B entsha yesabelo saShejuli 6; noma 10
- (c) uhlaka lwanoma yisiphi isabelo esisha saShejuli 4, 5, 6 noma 7.
- (2) Isigaba se-15(2) kuya ku-(5) sisebenza, nezinguquko ezidingekayo, ezabelweni nezinhlaka ezishicilelwe ngokwesigatshana (1).
- (3) (a) Isikhulu esidlulisa imali, ngemvume yoMnyango Wezezimali kaZwelonke, singadlulisela isabelo esisodwa noma ngaphezulu saShejuli 7 esifundazweni noma kumasipala ngenxa yenhlekelele noma isimo esiphuthumayo sezindlu, zingakapheli izinsuku eziyi-100 ngemuva kosuku lwaleyo nhlekelele noma isimo esiphuthumayo. 15
- (b) Isikhulu esidlulisa imali kufanele sazise umnyango wezezimali wesifundazwe othintekayo kanye noMgcinimafa Kazwelonke zingakapheli izinsuku eziyi-14 zokudluliselwa kwaShejuli 7 esifundazweni noma kumasipala. 20
- (c) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele, zingakapheli izinsuku ezingama-21 ngemuva kokuphela kwesikhathi esiyizinsuku eziyi-100 esishiwo endimeni (a), ngesaziso kusoMqulu kaHulumeni, ushicilele konke ukudluliselwa kwesabelo saShejuli 7 okwenzelwe inhlekelele noma izimo eziphuthumayo zezindlu. 25
- (d) Ngaphandle kwanoma yimuphi omunye umthetho ophikisana nalokho, uMnyango Wezezimali Kazwelonke ungagunyaza ukuthi izimali ezabiwe kwiShejuli 7 zisetshenziswe noma nini. 25
- (e) Izimali ezigunyazwe ngokwendima (d) kufanele noma ngabe zifakwa emthethweni wokwabiwa kwesabelomali wokuchibiyela, kwizabelomali zokulungiswa zomasipala noma kweminye imithetho yokwabiwa kwezimali. 30

Amalungiselelo onyaka wezi-2023/24 nonyaka wezi-2024/25

26. (1) (a) Umasipala wesigaba C othola isabelo esinemibandela ngokwalo Mthetho kumele, ngokusebenzisa izabelo ezinemibandela ezikhomba kulowo masipala ngonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25 njengoba kubekwe kuKholamu B yeShejuli yalo Mthetho, mhla ziyi-16 kuMandulo 2022— 35
- (i) uvumelana nomasipala ngamunye wesigaba B ongaphansi kwesigaba C endaweni yokuphatha kamasipala mayelana nezabelo zesikhashana kanye namaphrojekthi azoxhaswa ngalezo zabelo ngonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25; futhi 40
- (ii) uhambisa kwisikhulu esidlulisa imali— 40
- (aa) izabelo zesikhashana okukhulunywe ngazo endinyaneni (i); futhi
- (bb) amaphrojekthi okukhulunywe ngawo endinyaneni (i), abhalwe ohlwini lukamasipala ngamunye.
- (b) Uma umasipala wesigaba C kanye nomasipala wesigaba B bengakwazi ukuvumelana ngezabelo namaphrojekthi okukhulunywe ngawo endimeni (a), umasipala wesigaba C kufanele ucele isikhulu esidlulisa imali esifanelekile ukuthi senze isivumelwano. 45
- (c) Isikhulu esidlulisa imali kufanele sithathe zonke izinyathelo ezidingekayo ngokukhulu ukushesha ukuze senze kube lula ukwenza isivumelwano, kodwa kungakapheli izinsuku ezingama-60 ngemva kokuthola isicelo okukhulunywe ngaso endimeni (b). 50
- (d) Noma yikuphi ukuchitshiyelwa okuhlongozwayo noma ukulungiswa kwezabelo okuhloswe ukuthi kushicilelwe ngokwesigaba sama-29(3)(b) kumele kuvunyelwane nomasipala ofanele wesigaba B, isiphathimandla esidlulisa imali kanye noMnyango Wezezimali Kazwelonke, ngaphambi kokushicilelwa nokwethulwa kwezabelo okukhulunywe ngazo endimeni (a)(ii). 55
- (e) Uma ukuvumelana kungabi khona phakathi kukamasipala wesigaba C kanye nomasipala wesigaba B mayelana nezabelo zesikhashana namaphrojekthi okukhulunywe ngawo endimeni (a) ngaphambi komhla ziyi-3 Mfumu 2022, uMnyango Wezezimali kaZwelonke, ngemuva kokubonisana nomnyango wezezimali wesi- 60

provincial treasury, must determine the provisional allocations and provide those provisional allocations to the affected municipalities and the transferring officer.

(f) (i) The transferring officer must submit the final allocations, based on the provisional allocations referred to in paragraphs (a)(i) and (ii) and (e), to the National Treasury by 2 December 2022. 5

(ii) If the transferring officer fails to submit the allocations referred to in subparagraph (i) by 2 December 2022, the National Treasury may determine the appropriate allocations, taking into consideration the indicative allocations for the 2023/24 financial year.

(2) (a) The transferring officer of a conditional allocation, using the indicative conditional allocations for the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, as set out in Column B of the affected Schedules to this Act, must, by 3 October 2022, submit to the National Treasury— 10

(i) the provisional allocations to each province or municipality in respect of new conditional allocations to be made in the 2023/24 financial year; 15

(ii) any amendments to the indicative allocations for each province or municipality set out in Column B of the affected Schedules in respect of existing conditional allocations;

(iii) the draft frameworks for the allocations referred to in subparagraphs (i) and (ii); and 20

(iv) electronic copies of any guidelines, business plan templates and other documents referred to in the draft frameworks referred to in subparagraph (iii).

(b) A transferring officer must consult the accounting officer of a national or provincial department, other than the transferring or receiving officer, on a duty in the draft framework, before submission to the National Treasury in terms of paragraph (a). 25

(c) When a document, referred to in a draft framework, that is submitted in terms of paragraph (a)(iii), is amended, the transferring officer must immediately provide the National Treasury and each receiving officer with electronic copies of the revised document.

(d) The National Treasury must approve any proposed amendment or adjustment for the 2023/24 financial year of the allocation criteria of an existing conditional allocation before the submission of the provisional allocations and draft frameworks. 30

(e) The transferring officer must, under his or her signature, submit to the National Treasury, by 2 December 2022, the final allocations and frameworks based on the provisional allocations and frameworks. 35

(f) If the transferring officer fails to comply with paragraph (a) or (e), the National Treasury may determine the appropriate draft or final allocations and frameworks, taking into consideration the indicative allocations for the 2023/24 financial year.

(g) (i) The National Treasury may amend final allocations and frameworks in order to ensure equitable and stable allocations and fair and consistent conditions. 40

(ii) The National Treasury must give notice, in writing, to the transferring officer of the intention to amend allocations and frameworks and invite the transferring officer to submit written comments within seven days after the date of the notification.

(h) The draft and final allocations and frameworks must be submitted in the format determined by the National Treasury. 45

(3) The National Treasury may instruct transferring officers, accounting officers of the provincial treasuries and receiving officers to submit to it such plans and information for any conditional allocation, as it may determine, at specified dates before the start of the 2023/24 financial year.

(4) (a) For purposes of the Education Infrastructure Grant or Health Facility Revitalisation Grant in the 2023/24 financial year, the receiving officer of the relevant provincial department must, in the format and on the date determined by the National 50

fundazwe othintekayo, kufanele unqume izabelo zesikhashana bese uhlinzeka ngalezo zabelo zesikhashana komasipala abathintekayo kanye nesikhulu esidlulisa imali.

(f) (i) Isikhulu esidlulisa imali kufanele sihambise izabelo zokugcina, ngokusekelwa izabelo zesikhashana okukhulunywe ngazo endimeni (a)(i) kanye no (ii) kanye no-(e), kuMnyango Wezezimali Kazwelonke mhla ziyi-2 kuZibandlela 2022. 5

(ii) Uma isikhulu esidlulisa imali sihluleka ukuhambisa izabelo okukhulunywe ngazo endinyaneni (i) ungakadluli umhlaka-2 kuZibandlela 2022, uMnyango Wezezimali Kazwelonke unganquma izabelo ezifanele, ngokucabangela izabelo eziyizinkomba zonyaka wezimali wezi-2023/24.

(2) (a) Isikhulu esidlulisa imali sesabelo esinemibandela, ngokusebenzisa izabelo ezinemibandela eyizinkomba zonyaka wezimali wezi-2023/24 kanye zonyaka wezimali wezi-2024/25, njengoba kubekwe kuKholamu B yaShejuli ethintekayo yalo Mthetho, kumele sihambise kuMnyango Wezezimali Kazwelonke ungakadluli umhla ziyi-3 kuMfufu 2022— 10

(i) Izabelo zesikhashana esifundazweni ngasinye noma kumasipala maqondana nezabelo ezinemibandela ezintsha ezizokwenziwa onyakeni wezimali wezi-2023/24; 15

(ii) noma yiziphi izichibiyelo ezabelweni ezikhombayo zesifundazwe ngasinye noma umasipala ezibekwe kuKholamu B yamaShejuli athintekile mayelana nezabelo ezinemibandela ezikhona vele; 20

(iii) izinhlaka ezingakapheleli zokwabiwa okukhulunywe ngazo ezigatshaneni (i) kanye nesigatshana (ii); futhi

(iv) amakhophi akuhlelokhumano anoma yimiphi imihlahlandlela, imifanekiso yohlelo lwebhizinisi kanye neminye imibhalo okukhulunywe ngayo ohlakeni olusalungiswa okukhulunywe ngalo endinyaneni (iii). 25

(b) Isikhulu esidlulisa imali kufanele sibonisane nesikhulu sokucwaningwa kwamabhuku somnyango kazwelonke noma wesifundazwe, ngaphandle kwesikhulu esidlulisa imali noma esamukela imali, emsebenzini osohlelweni lohla olusalungiswa, ngaphambi kokwethulwa kuMnyango Wezezimali kaZwelonke ngokwendima (a). 30

(c) Uma umqulu, okukhulunywe ngawo ohlakeni olusalungiswa, o lethwe ngokwendima (a)(iii), uchitshiyelwe, isikhulu esidlulisa imali kufanele ngokushesha sinikeze uMnyango Wezezimali Kazwelonke kanye nesikhulu esamukela imali ngasinye amakhophi akuhlelokuxhumana omqulu obuyekeziwe. 35

(d) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele ugunyaze noma yikuphi ukuchitshiyelwa noma ukulungiswa okuhlongozwayo konyaka wezimali wezi-2023/24 wenqubo yokwabiwa kwesabelo esinemibandela esikhona ngaphambi kokwethulwa kwesabelo zesikhashana kanye nezinhlaka ezisalungiswa. 40

(e) Isikhulu esidlulisa imali kufanele, ngesiginisha yaso, sithumele kuMnyango Wezezimali Kazwelonke, ungakadluli umhlaka-2 kuZibandlela 2022, izabelo zokugcina nezinhlaka ezisuselwe ezabelweni zesikhashana nezinhlaka. 45

(f) Uma isikhulu esidlulisa imali sehluleka ukuthobela indima (a) noma (e), uMnyango Wezezimali Kazwelonke ungase unqume uhlaka olufanele noma izabelo zokugcina nezinhlaka, ngokucabangela izabelo eziyinkomba zonyaka wezimali ka-2023/24. 50

(g) (i) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungachibiyela izabelo zokugcina nezinhlaka ukuze kuqinisekise ukwabiwa okulinganayo nokuzinzile kanye nezimo ezinobulungiswa nezingashintshi. 55

(ii) UMnyango Wezezimali Kazwelonke kufanele unikeze isaziso, esibhalwe phansi, kwisikhulu esidlulisa imali ngenhloso yokuchibiyela izabelo nezinhlaka futhi umeme isikhulu esidlulisa imali ukuba sithumele imibono ebhalwe phansi zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa ngemva kosuku lwesaziso. 60

(h) Uhlaka kanye nezabelo zokugcina kumele kuhanjise ngendlela enqunye nguMnyango Wezezimali Kazwelonke.

(3) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungayalela izikhulu ezidlulisa imali, izikhulu zokucwaningwa kwamabhuku zeminyango yezezimali yezifundazwe kanye nezikhulu ezemukelayo ukuthi zilethe kuwo lezo zinhlelo nolwazi nganoma yisiphi isabelo esinemibandela, njengoba zinganquma, ngezinsuku ezishiwo ngaphambi kokuqala konyaka wezimali wezi-2023/24.

(4) (a) Ngezinhloso zeSibonelelo Sengqalasizinda Yezemfundo noma Isibonelelo Sokuvuselela Isikhungo Sezempilo ngonyaka wezimali wezi-2023/24, isikhulu esamukela imali somnyango wesifundazwe esifanele kufanele, ngendlela nangosuku olunqunye uMnyango Wezezimali Kazwelonke, sithumele kwisikhulu esidlulisa

Treasury, submit to the transferring officer, the relevant provincial treasury and the National Treasury—

- (i) a user asset management plan for all infrastructure programmes for a period of at least 10 years;
- (ii) an infrastructure programme management plan, including a construction procurement strategy for infrastructure programmes and projects envisaged to commence within the period for the medium term expenditure framework; and
- (iii) a document that outlines how the infrastructure delivery management system must be implemented in the province and is approved by the Executive Council of the province before or after the commencement of this Act.

(b) The receiving officer of the relevant provincial department must review the document, referred to in paragraph (a)(iii), and if any substantive change is made to the document during the 2022/23 financial year, the amended document must be approved by the Executive Council of the province before submission to the National Treasury within 14 days after such approval.

(5) (a) Any category B municipality may apply to qualify for the Integrated Urban Development Grant, by submitting an application to the Department of Cooperative Governance by 29 July 2022.

(b) The Department of Cooperative Governance must determine the form of the application, including the minimum qualifying conditions.

(c) The Department of Cooperative Governance must submit, by 3 October 2022, to the National Treasury for comment, a list of any proposed additional qualifying municipalities and any municipalities that have failed to meet the qualifying conditions to continue to qualify for approval.

(d) A municipality that is informed by the Department of Cooperative Governance that it will qualify for the Integrated Urban Development Grant, must submit to the Department of Cooperative Governance—

- (i) by 31 March 2023, a first draft of its three-year capital programme and the 10-year Capital Expenditure Framework; and
- (ii) by 31 May 2023, the final versions of its three-year capital programme and the 10-year Capital Expenditure Framework, which must be evaluated by the Department of Cooperative Governance after consultation with relevant stakeholders.

(6) (a) A provincial treasury must, in respect of the 2023/24 financial year—

- (i) on the same date that its budget for the 2023/24 financial year is tabled in the provincial legislature; or
- (ii) on a date not later than 15 June 2023 approved by the National Treasury, publish a notice in the *Gazette* containing the information set out in section 29(2)(a).

(b) This subsection continues in force until 15 June 2023.

Transfers before commencement of Division of Revenue Act for 2023/24 financial year

27. (1) Despite the Division of Revenue Act for the 2023/24 financial year not having commenced on 1 April 2023, the National Treasury may determine that an amount, not exceeding 45 per cent of the total amount of each—

- (a) equitable share in terms of section 4(1), be transferred to the relevant province;
- (b) equitable share in terms of section 5(1), be transferred to the relevant municipality;
- (c) allocation made in terms of section 7(1) or 8(1), as the case may be, be transferred to the relevant province or municipality.

- imali, kumnyango wezezimali wesifundazwe ofanele kanye noMnyango Wezezimali Kazwelonke—
- (i) uhlelo lokuphatha kwempahla yomsebenzisi lwazo zonke izinhlelo zengqalasizinda lwesikhathi okungenani seminyaka eyi-10;
- (ii) uhlelo lokuphatha uhlelo lwengqalasizinda, okubandakanya isu lokuthengwa kwempahla yokwakha lwezinhlelo zengqalasizinda namaphrojekthi okubhekwe ukuthi aqale phakathi nesikhathi sohlaka lwezindleko zesikhathi esimaphakathi; futhi 5
- (iii) umqulu ochaza indlela uhlelo lokuphatha kokulethwa kwengqalasizinda okumele lusetshenziswe ngayo esifundazweni futhi ugunyazwe nguMkhandlu oPhethe wesifundazwe ngaphambi noma ngemuva kokuqala ukusebenza kwalo Mthetho. 10
- (b) Isikhulu esamukela imali somnyango wesifundazwe esifanele kufanele sibuyekeze umqulu, okukhulunywe ngawo endimeni (a)(iii), futhi uma kukhona ushintsho olukhulu olwenziwa kulowo mqulu ngeskhathi sonyaka wezimali wezi-2022/23, umqulu ochitshiyelwe kufanele ugunyazwe uMkhandlu oPhethe wesifundazwe ngaphambi kokwethulwa kuMnyango Wezezimali kaZwelonke zingakapheli izinsuku eziyi-14 ngemuva kwaleyo mvume. 15
- (5) (a) Noma yimuphi umasipala wesigaba B ungafaka isicelo sokuthola Isibonelelo Esihlanganisiwe Sokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemadolobheni, ngokufaka isicelo eMnyangweni Wezokubusa Ngokubambisana ungakadluli umhlaka-29 kuNtulikazi 2022. 20
- (b) UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana kufanele unqume uhlobo lwesicelo, okuhlanganisa nemibandela emincane evuna ukuthola isabelo. 25
- (c) UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana kufanele, kuthi ungakadluli umhlaka 3 kuMfumu 2022, ulethe uhlu lwanoma yibaphi omasipala abahlongozwayo abengeziwe abafanelekile kanye nanoma ibaphi omasipala abahlulekile ukuhlangabezana nemibandela efanelekile ukuze baqhubeke nokufanelekela, ukuze bavunyelwe. 30
- (d) Umasipala owaziswa uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana ukuthi uzofaneleka ukuthola iSibonelelo esididiyelwe sokuThuthukiswa kwamaDolobha, kumele uhambise eMnyangweni wezokuBusa ngokuBambisana— 30
- (i) ungakadluli umhlaka 31 kuNdasa 2023, uhlaka lokuqala lohlelo lwayo lwemali enkulu yeminyaka emithathu kanye Nohlaka Lwezindleko Zeminyaka eyi-10; futhi
- (ii) Ungakadluli umhlaka 31 kuNhlabha 2023, izinhlobo zokugcina zohlelo lwayo lwemali yeminyaka emithathu kanye Nohlaka Lwezindleko Zeminyaka eyi-10, okufanele luhlolwe nguMnyango Wezokubusa Ngokubambisana ngemva kokubonisana nababambiqhaza abafanele. 35
- (6) (a) Umnyango wezezimali wesifundazwe kumele, mayelana nonyaka wezimali wezi-2023/24— 40
- (i) ngosuku olufanayo lapho isabelomali sawo sonyaka wezimali wezi-2023/24 sethulwa kwisishayamthetho sesifundazwe; noma
- (ii) ngosuku olungedlulile kusuku langomhlaka 15 kuNtulikazi 2023 olugunyazwe uMnyango Wezezimali Kazwelonke, 45
- shicilela isaziso kusoMqulu kaHulumeni esiqukethe ulwazi olubekwe esigabeni sama-29(2)(a).
- (b) Lesi sigatshana sizoqhubeka nokusebenza kuze kube umhla ziyi-15 kuNhlangulana 2023.

Ukudluliswa kwemali ngaphambi kokuqala koMthetho Wokwehlukani kwe-Ngenisomali lonyaka wezimali wezi-2023/24 50

27. (1) Ngaphandle koMthetho Wokwehlukani kweMali engenayo wonyaka wezimali wezi-2023/24 ungakaqali ngomhla ziyi-1 kuMbasa 2023, uMnyango Wezezimali Kazwelonke angase anqume ukuthi inani, elingeqile kumaphesenti angama-45 esamba senani ngasinye—
- (a) isabelo esilinganayo ngokwesigaba se-4(1), sidluliselwe esifundazweni esifanele; 55
- (b) isabelo esilinganayo ngokwesigaba se-5(1), sidluliselwe kumasipala ofanele;
- (c) isabelo okwenziwa ngokwesigaba se-7(1) noma se-8(1), kuye ngokuthi ikuphi, kudluliselwe esifundazweni noma kumasipala ofanele.

(2) An amount is transferred in terms of subsection (1)(c) is, with the necessary changes, subject to the applicable framework for the 2022/23 financial year and the other requirements of this Act, as if it is an amount of an allocation for the 2022/23 financial year.

CHAPTER 5

5

DUTIES AND POWERS OF MUNICIPALITIES, PROVINCIAL TREASURIES AND NATIONAL TREASURY

Duties of municipalities

28. (1) (a) In addition to the requirements of the Municipal Finance Management Act, the accounting officer of a category C municipality must, within 10 days after this Act takes effect, submit to the National Treasury, the relevant provincial treasury and all category B municipalities within that municipality's area of jurisdiction, the budget, as tabled in accordance with section 16 of the Municipal Finance Management Act, for the 2022/23 financial year, the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year, except if submitted in terms of any other legislation before the end of the 10-day period.

(b) The budget must indicate all allocations from its equitable share and conditional allocations to be transferred to each category B municipality within the category C municipality's area of jurisdiction and disclose the criteria for allocating funds between the category B municipalities.

(2) A category C municipality that is providing a municipal service must, before implementing any capital project for water, electricity, roads or any other municipal service, consult the category B municipalities within whose area of jurisdiction the project must be implemented, and agree, in writing, which municipality is responsible for the operational and maintenance costs and the collection of user fees.

(3) A category C municipality must ensure that it does not duplicate a function currently performed by a category B municipality and must transfer funds for the provision of services, including basic services, to the relevant category B municipality that is providing municipal services, despite—

(a) the category C municipality retaining the function in terms of the Municipal Structures Act; and

(b) a service delivery agreement for the provision of services by the category B municipality on behalf of the category C municipality not being concluded.

(4) A category B municipality which is not authorised to perform a function in terms of the Municipal Structures Act may not extend the scope or type of services that it currently provides, without—

(a) entering into a service delivery agreement with the category C municipality which is authorised to perform the function in terms of the Municipal Structures Act; or

(b) obtaining authorisation to perform the function in terms of the Municipal Structures Act.

(5) (a) A category C municipality and a category B municipality must, before the commencement of a financial year, agree to a payment schedule in respect of the allocations, referred to in subsection (1)(b), to be transferred to the category B municipality in that financial year, and the category C municipality must submit the payment schedule to the National Treasury before the commencement of the financial year.

(b) A category C municipality must make transfers in accordance with the payment schedule submitted in terms of paragraph (a).

(6) (a) The National Treasury may withhold or stop any allocation to the category C municipality and reallocate the allocation to the relevant category B municipalities if a category C municipality fails to—

(i) make allocations referred to in subsection (1)(b);

(ii) reach an agreement envisaged in subsection (2); or

(iii) submit a payment schedule in accordance with subsection (5)(a).

(2) Inani elidluliswayo ngokwesigatshana (1)(c), kanye nezinguquko ezidingekayo, kuncike ohlakeni olusebenzayo lonyaka wezimali wezi-2022/23 kanye nezinye izidingo zalo Mthetho, njengokungathi yinani lesabelo lonyaka wezimali wezi-2022/23.

ISAHLUKO 5

IMISEBENZI NAMANDLA OMASIPALA, UMNANYANGO WEZIMALI WEZIFUNDAZWE KANYE NOMNYANGO WEZIMALI KAZWELONKE 5

Imisebenzi yomasipala

28. (1) (a) Ngaphezu kwezidingo zoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, isikhulu esifanele sokucwaningwa kwamabhuku somasipala wesigaba C, kufanele ngemva kwezinsuku eziyi-10 uqalile ukusebenza lo Mthetho, sithumele kuMnyango Wezezimali Kazwelonke, kuMnyango Wezezimali wesifundazwe ofanele kanye nabo bonke omasipala abakusigaba B endaweni yalowo masipala. Uhambise Isabelomali, njengoba kwethulwe ngokuhambisana nesigaba se-16 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala, wonyaka wezimali wezi-2022/23, unyaka wezimali wezi-2023/24 kanye nonyaka wezimali wezi-2024/25, ngaphandle uma sithunyelwe ngokwanoma yimuphi omunye. umthetho ngaphambi kokuphela kwesikhathi esiyizinsuku eziyi-10. 10

(b) Isabelomali kufanele siveze zonke izabelo ezivela kusabelo saso esilinganayo kanye nezabelo ezinemibandela okufanele zidluliselwe kumasipala wesigaba B ngasinye ngaphansi kukamasipala wesigaba C futhi sidalule imibandela yokwabiwa kwezimali phakathi komasipala besigaba B. 20

(2) Umasipala wesigaba C ohlinzeka ngomsebenzi kamasipala kufanele, ngaphambi kokwenza noma iyiphi iphrojekthi yemali yamanzi, ugesi, imigwaqo nanoma yimuphi omunye umsebenzi kamasipala, uthintane nomasipala besigaba B esingaphansi kwendawo yabo yokuphatha iphrojekthi okufanele isetshenziswe, futhi bavumelane, ngokubhala phansi ukuthi imuphi umasipala onomthwalo wokubheka ukusebenza kwezimali kanye nezindleko zokulungisa, nokuqowa kwemali yabasebenzisi. 25

(3) Umasipala wesigaba C kufanele uqinisekise ukuthi umsebenzi owenzayo awufani nomsebenzi owenziwa umasipala wesigaba B futhi kufanele udlulisele izimali zokuhlinzekwa kwezinsizakalo, okuhlanganisa nezinsizakalo eziyisisekelo, kumasipala wesigaba B ofanele ohlinzeka ngezinsizakalo zikamasipala, ngaphandle— 30

(a) kwamasipala wesigaba C ogcina umsebenzi ngokoMthetho Wezinhlaka Zomasipala; futhi

(b) kokungaphothulwa kwesivumelwano sokulethwa kwezinsizakalo sokuhlinzekwa kwezinsizakalo ngumasipala wesigaba B egameni lomasipala wesigaba C. 35

(4) Umasipala wesigaba B ongagunyaziwe ukwenza umsebenzi ngokoMthetho Wezinhlaka Zomasipala awuvumelekile ukwandisa ububanzi noma uhlobo lwezinsizakalo ozihlinzekayo njengamanje, ngaphandle—

(a) ukungena esivumelwaneni sokulethwa kwezinsiza nomasipala wesigaba C ogunyazwe ukwenza umsebenzi ngokoMthetho Wezinhlaka Zomasipala; noma 40

(b) ukuthola ukugunyazwa ukwenza umsebenzi ngokoMthetho Wezinhlaka Zomasipala.

(5) (a) Umasipala wesigaba C kanye nomasipala wesigaba B kufanele, ngaphambi kokuqala konyaka wezimali, bavumelane ngeshejuli yokukhokha maqondana nezabelo, okukhulunywe ngazo esigatshaneni (1)(b), ezizodluliselwa kumasipala wesigaba B kulowo nyaka wezimali, kanye nomasipala wesigaba C kufanele balethe ishejuli yokukhokha kuMnyango Wezezimali Kazwelonke ngaphambi kokuqala konyaka wezimali. 45

(b) Umasipala wesigaba C kufanele wenze udllise izimali ngokuhambisana neshejuli yokukhokha ethunyelwe ngokwendima (a). 50

(6) (a) UMnyango Wezezimali Kazwelonke ungagodla noma umise noma yisiphi isabelo kumasipala wesigaba C bese ukwabela kabusha isabelo komasipala abathintekayo besigaba B uma umasipala wesigaba C wehluleka— 55

(i) ukwenza izabelo okukhulunye ngazo esigatshaneni (1)(b);

(ii) ukufinyelela esivumelwaneni esihlongozwe esigatshaneni (2); noma

(iii) ukuletha ishejuli yokukhokha ngokuhambisana nesigatshana (5)(a).

(b) The following provisions apply to the withholding or stopping of an allocation in accordance with paragraph (a):

- (i) Section 216 of the Constitution;
- (ii) in the case of withholding an allocation, section 18(4)(a), with the necessary changes; and 5
- (iii) in the case of stopping an allocation, section 19(2)(a), (3), (4) and (5), with the necessary changes.

(c) If an allocation is stopped in terms of this subsection, the National Treasury may, after consultation with the transferring officer, determine that a portion of the allocation that will not be spent, be reallocated to one or more municipalities, on condition that the allocation must be spent by the end of the 2022/23 financial year or the 2023/24 financial year. 10

(7) A municipality must ensure that any allocation made to it in terms of this Act, or by a province or another municipality, that is not reflected in its budget as tabled in accordance with section 16 of the Municipal Finance Management Act, is reflected in its budget to be considered for approval in accordance with section 24 of the Municipal Finance Management Act. 15

Duties and powers of provincial treasuries

29. (1) A provincial treasury must reflect allocations listed in Part A of Schedule 5 to the province separately in the appropriation Bill of the province. 20

(2) (a) A provincial treasury must not later than seven working days after this Act takes effect, publish by notice in the *Gazette*—

- (i) the indicative allocation per municipality for every allocation to be made by the province to municipalities from the province's own funds and from conditional allocations to the province; 25
- (ii) the indicative allocation to be made per school and per hospital in the province in the format determined by the National Treasury;
- (iii) the indicative allocation to any national or provincial public entity for the implementation of a programme funded by an allocation in Part A of Schedule 5 on behalf of a province or for assistance provided to the province in implementing the programme; 30
- (iv) the envisaged division of the allocation envisaged in subparagraphs (i) and (ii), in respect of each municipality, school and hospital, for the 2023/24 financial year and the 2024/25 financial year; and
- (v) the conditions and other information in respect of the allocations, referred to in subparagraphs (i), (ii) and (iii), to facilitate performance measurement and the use of required inputs and outputs. 35

(b) The allocations referred to in paragraph (a) must be regarded as final when the provincial appropriation Act takes effect or, if published on a later date, on the date of publication of the notice. 40

(c) If the provincial legislature amends its appropriation Bill, the provincial treasury must publish amended allocations and budgets, by notice in the *Gazette*, within 14 working days after the appropriation Act takes effect, and those allocations and budget must be regarded as final.

(d) Allocations to municipalities in terms of subsection (2)(a) must be consistent with the terms of any agreement concluded between the province and a municipality. 45

(3) (a) Despite subsection (2) or any other legislation, a provincial treasury may, in accordance with a framework determined by the National Treasury, amend the allocations referred to in subsection (2) or make additional allocations to municipalities that were not published in terms of subsection (2). 50

(b) Any amendments to the allocations published in terms of subsection (2)(a) or (c) must be published, by notice in the *Gazette*, not later than 4 February 2023 or such later date as approved by the National Treasury and takes effect on the date of publication.

